


IBHALISAMU KWA GILEYADI

 ...kusho okuningi. Asibe silokhu simile nje umzuzwana senzele umkhuleko. Ngithanda njalo ukukhuluma kuMlobi ngaphambi kokuba ngivule iNcwadi yaKhe. Anicabangi ukuthi lowo ngumqondo omuhle na?

² Omunye wayekhuluma ngesinye isikhathi, ngasho *enye into ethize*, ne-nendoda yathi, kwakungumngane wami omuhle, iningi lenu liyamazi, futhi ushumayela ngezilimi eziyisikhombisa, uBooth-Clibborn, nizwile ngaye, ngiqagele, uWilliam Booth-Clibborn, futhi wathi kimi, wathi, “Kodwa, Mfowethu Branham, awulazi nje iBhayibheli lakho.”

³ Ngathi, “Kodwa ngimazi kahle impela uMqambi.” Lokho ngukuthi...?.. Uma ngimazi uMqambi, khona-ke ngicabanga ukuthi Uzongifundisa iZwi laKhe. Ngakho, asikhulume naYe manje, ngaphambi kokuba singene eZwini laKhe.

⁴ Baba wethu waseZulwini, uMqambi waleliZwi, uMqambi weZwi likaNkulunkulu, “ULizwi waba nguNkulunkulu futhi waba yinyama, futhi wakha phakathi kwethu,” sisondele kuWe eGameni likaJesu, iNdodana yaKho, uMsindisi wethu. SiyaMthanda, Baba, ngenxa yokuthi Walalela kwaze kwaba sekufeni. Ulaka olwalufanele lwehlele phezu kwethu lwathululelwa phezu kwaKhe eKalvari, lapho Wahlupheka esikhundleni sethu ukuze sihambe sikhululeke. Akumangalisi abantu bengakaze bakwazi ukuzwakalisa ukuthi luyini uthando uBaba analo ngesizwe sika-Adamu esiwileyo, ukunikeza iNdodana yaKhe ukuba ihlupheke, ukusihlenga ngomusa waKhe.

⁵ Futhi, Baba, siyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi Uzobubusisa emizamweni yethu, kulobubusuku, njengoba siza enhlanganyelweni ngaseZwini. Kwangathi iZwi lingaba yisibani ezinyaweni zethu, ukuKhanya okuzosihola, izinjulo ezijulile, nokuphakama okuphakeme kakhulu othandweni lukaNkulunkulu. Futhi phulukisa abagulayo kulobubusuku, Baba. Lobu ubusuku esizokhulekela abagulayo, sicela ukuthi Uzobaphulukisa bonke.

⁶ Busisa lelibandla elincane, O Nkulunkulu, busisa owalo oyigugu, umelusi omncane, uMfowethu Buntain, nomfowabo othandekayo engisanda kuhlangu naye futhi ngaxhawulana naye ovela eCalcutta, ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobusisa lababafana. Futhi ngicabanga ngobaba wabo omdala omesabayo uNkulunkulu enhla lapho, futhi ngenkathi ebathwala ngapha nangapha njengabafanyana, kanjani, mhlawumbe, wayekholwa ukuthi ngelinye ilanga Uyokwenza abefundisi ngabo kanje, futhi siyajabula, Nkosi, uNkulunkulu uyawuphendula umkhuleko,

siyakwazi. Ngakho, phendula eyethu kulobubusuku, Baba, futhi uthole inkazimulo ekubuthaneni kwethu ndawonye. Siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

⁷ Ningahlala phansi. Lena yinhlanhla enkulu kangako ukuhlangana enkonzweni kaNkulunkulu. Futhi niyazi, cishe ngesikhathi lapho sithola wonke umuzwa oxakile uxoshwa, khona-ke sekuthi akube yisikhathi sokuhamba, niyabo. Lapho singena, futhi nje njalonjalo ekutheni, “Sanibona na?” bese kuthi-ke inkonzo yonke intsha, futhi ngimusha, futhi into yokuqala niyazi kuthatha isikhashana esincane ukusithola sonke sithi ukwazana omunye nomunye, makuthi uMoya oNgewele uhambe phakathi kwethu ukuqinisekisa ukuthi singabafowethu nodadewethu, niyabo, ukuthi akukho lutho olungalungile ngathi, futhi nje singabantwana bakaNkulunkulu.

⁸ Futhi inkonzo uNkulunkulu anginika yona, ngani, ingeyenu, futhi iluthando, ukubonakaliswa kothando. Bese kuthi-ke sithi, “Nisale kahle,” bese sisuka siye phezulu kwenye indawo. Futhi ngazama, angisalikhumbuli lelogama laleyondawo, ngiyibiza... UBilly wathi, “Ucabanga ukuthi siyaphi, Babayi na?”

⁹ Ngathi, “EVenezuela.” Lokho bekungaba kude le, bekungeke na? Kodwa nokho, kade siseVenezuela, sibe ngale, asikaze sibe nezinkonzo lapho.

¹⁰ Kodwa—kodwa silindele iNkosi ithanda... Ngahlangana nomngane wami olungileyo uMfowethu Kopp emuva lapho, nokufuna, simemele emuva eCalifornia futhi, bese—bese-ke kuba yizindawo ezehlukene ezizweni zonke. Futhi sifanele siqedele zonke izingxoxiswano zethu e—e... Sikwenza kanjani lokho... Umelusi wayesho into ethize ngoluny’usuku, ukuthi zikanjani lezozingxoxiswano esakhuluma ngazo.

¹¹ Awu, kukhona—kukhona izinto ezimpilweni zabantu abangazi ukuthi bazohamba ngaphi, nje ba—nje basekupheleni komgwaqo, yilokho kuphela. Abazi... Ngiyakholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu lixazulula yonke into esiyidingayo, anikukholwa na? Kunjalo. Kodwa manje, isibonelo nje, uma bekungasho okuthize ngensindiso, khona-ke iZwi likaNkulunkulu liyakuchaza.

¹² Manje, kodwa uma-ke kuyinto ethize iZwi likaNkulunkulu elingayibhalile *Lapha* na? Khona-ke uNkulunkulu akadingi lutho, Uthumela iziphiwo ezehlukene ukunakekela lokho. Bese kuthi-ke, eTestamenteni eLidala si... iNkosi isinika amadoda ayezoya kuwo, futhi axoxisane nabo futhi abuze ngokuthi kwakuzokwenzekani. Futhi bakhuliswa kusukela ebuntwaneni kuqhubeke, futhi babeneZwi leNkosi, futhi bazizwa beqinisekile ukuthi uma lomboni wayengabona ukuthi iNkosi yayithini kubo, awu, lokho—lokho kwaku—lokho kwakuyilokho-ke.

¹³ Awu, angisuye umboni, angisuye umprofethi, kodwa ngi—ngingoweZizwe ompofu nje iNkosi engivumela ukuba ngisetshenziswe ukusiza abantu beZizwe ngalezizinsuku, niyabo. Ngikholwa ukuthi kuthathwa ndawondawo eBhayibhelini njengohlobo oluthize lwesiphiwo, kodwa noma ngabe kuyini, lokho, kuncane, futhi lokho akusikho ukubaluleka kwakho, yilokho esingakwenza ukusiza omunye umuntu ukuba asondele kakhulu kuNkulunkulu.

¹⁴ Futhi indlela esenza ngayo, abantu babhalela ekhaya, bese-ke sithola amakheli abo, bese-ke sisayina igama, bese sibathumelela emuva ikhadi. Futhi nomaphi kulowomphakathi, kulowomphakathi, khona-ke sibathumelela izwi ukuthi ubani ozayo. Awu, khona-ke ngesikhathi sosuku, njengalapha isizathu abaningi benu bebengazi ukuthi kungani besingenazo lezizinkonzo zokubona okufihlakele njalo ebusuku, ngani, isikhathi sosuku sikukhipha konke, niyabo, futhi ubuthakathaka kakhulu futhi ukhathele, uze ungakwazi ukukwenza ebusuku.

¹⁵ Futhi ngakho si. . . Abantu bayangena futhi bahlale phansi. Angibazi ukuthi bangobani, angibabuzi. Futhi nje silinda lapho kuze kufike uMoya oNgewele futhi ukhiphe yonke into, ubatshela ukuthi benzeni, lapho benza khona iphutha labo, abafanele bakwenze, na—nayo yonke into nje ngendlela okuyiyo. . .

¹⁶ Futhi beniyomangala, odokotela, abameli, osomabhizinisi, nayo yonke into evela ezweni lonke, evela e-Afrika, evela e-Eshiya, evela eJalimane, evela eSwitzerland, bavela ezweni lonke, wahlala phakathi lapho elindile, izinyanga, nakho konke okunye. Futhi siyazibhala nje, esikhundleni sokuba zonke zinqwabelane lapho, futhi abaningi babo baya ekhaya bedumele, silinda nje kuze kufike isikhathi sabo bese-ke sibangenisisa.

¹⁷ Manje, eCalifornia, lapha, sinemihlangano. Futhi lapha abanye abantu kade belindile cishe iminyaka emithathu noma ngaphezulu. Bese kuthi-ke, masinya nje singafika kubo, asisuki, sihlala khona lapho uMoya oNgewele aze akhulume. Futhi manje-ke bayazi ukuthi benzeni, babatshela ukuthi kwenziwa kanjani, nendlela okuyiyo, futhi akukaze kwehluleke nakanye, ngoba nguNkulunkulu. Siyabonga ngalokho, sibonga kakhulu kuBaba wethu waseZulwini ukuthi. . . nabefundisi ngamakhulu. Ngakho si—sinekamelo esibayisa kulo, futhi bayazi ukuthi kunini lapho benqunyelwe khona isikhathi sokubonana, futhi nje impela ukuthi kunini. Khona-ke ku. . . siza nje. . .

¹⁸ Manje, ngezinye izikhathi ngiyophuma ngihambahamba, noma mhlawumbe ngikhulekele omunye umuntu, futhi Uzongikhombisa umbono wokuthi ngiye kuphi ukuthola umuntu othize, noma ngenze okuthize, khona-ke ngiyasuka ngqo futhi ngenze lokho khona manje, ngoba lowo nguNkulunkulu

qobo lwaKhe ekhuluma, ekusebenzisa, niyabo. Ngakho ngenza njalo nje njenge...ngizama ukwenza njengoba Engitshela. Ngiyaxolisa ukusho ukuthi ngiyaMehlulekisa izikhathi eziningi kakhulu. Nginamahloni ngami phambi kweBandla laKhe kulobubusuku, ukwenza ukuvuma okunjengalokhu, kodwa kunezikhathi eziningi ukuthi—ukuthi ngiMehlulekisisile, futhi ngi...Ngikhulekeleni ukuthi ngi—ukuthi ngeke ngiMehlulekise kungengaphezu kokuba kungenzeka ngokobuntu.

¹⁹ Mina, izikhathi eziningi, ngiyazi ukuba ngangihambe futhi ngenza izinto ezithize, kwakuyohluka. Kodwa nje umuntu othile ekudonsa ngalendlela, nomunye edonsa ngalendlela, futhi—futhi ku—kuzima kakhulu, nabangane abahle enibathanda kahle ngempela, futhi—futhi ngezinye izikhathi niphuma entandweni yeNkosi, empeleni, kuwuhlobo lwenkonzo ekabili. Lena yinkonzo yokuvangela. Lokho okunye...Niyakhumbula ukuthi ababoni abadala benza kanjani na? Bahlala phandle ehlane, bahlala phandle lapho uNkulunkulu waze wabatshela ukuba benze okuthize, bagxoba bangena ngqo, bethula umlayezo wabo, base bebuyela ehlane futhi. Niyabo? Futhi lowo ngumehluko wakho.

²⁰ Manje, kodwa sijabula kakhulu ukwazi ukuthi uBaba wethu waseZulwini, weTestamente eLidala, Lowo ofanayo owayekuJesu Kristu iNdodana yaKhe, nguye Lowo ofanayo eBandleni laKhe namhlanje, niyabo. O, lokho akuyixhuxhumisi yini inhliziyo yakho ukwazi ukuthi ngosuku lapho kunokuningi kangaka...? Basho kahle, izinhlangotho ezehlukene zithi, “Sinakho, woza ngapha.” Izizwe ezehlukene zithi, “Sinakho, woza ngapha.” Kodwa NguYe onakho.

²¹ Ngakho, sijabula kakhulu nje ukuthi Uyehla futhi uyasifakazisa ngeBhayibheli, lokho nje Azokwenza, futhi ehle futhi enze nje lokho Athi Uyokwenza, bese-ke ubuka emuva lapho eBhayibhelini futhi ukubone nje ikhasi nekhasi kusombululeka njengoba Athi Uyokwenza. Kuyamangalisa, kuyamangalisa!

²² Bangaki abaneVoice yeBusiness Men ngalesisikhathi na? IVoice yeBusiness Men. Ngiyayithakasela leyondatshana encane, lowombono, wafaka ingxenye yawo phakathi lapho okuhle kakhulu ukuthi, ngiyethemba ukuthi yabhalwa nguMfowethu Tommy Hicks. Lokho—lokho kwenza ushintsho kimi. Ngangihlala njalo ngesaba ukufa, ngangicabanga ukuthi ngangiyoy...ngangingafuni ukuba ngumoya.

²³ A—angazi lutho neze, yingalesosizathu iNgelosi yeNkosi, Ekhuluma nami, ngiyazi ngekaNkulunkulu. Ngoba I... Indawo yokuqala, uma Ingangitshela into eyodwa eyayingesilo iZwi likaNkulunkulu, bengingeke ngikukholwe. Qhabo, mnumzane. Angikhathali ukuthi kuyini, kuzofanele kube yiZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Futhi kukhona zonke izinhlobo

zezingelosi ozaziyo, siyakwazi lokho. Kodwa i...UPawulu wathi, “Uma iNgelosi ifika futhi ishumaye noma yiliphi elinye ivangeli kunaleli engalishumayelile. . .” Niyabo?

²⁴ Futhi lapho ngifika lapho, nalokhu okuncane, angazi, angifuni ukusho, ukulingisa uPawulu oNgwele omkhulu, impela qha, bengingeke ngikwenzele lutho lokho, angazi, mhlawumbe kwakungumbono, kodwa yinye into engiyaziyo, bengingalele. Futhi—futhi uma kwakungumbono, angikaze ngibe nawo onjalo ngaphambili empilweni yami. Ngangithi nje ngiphakame njengalezozinsika, noma amarafuthazi, enikubiza kanjalo *lapho*, lawomathayela osilingi *lapho*, ngithi nje angiphakame kangako ngibuka emuva ngqo kimi uqobo. Futhi njengoba nje ngimi khona lapha, ngibuka emuva ngqo, futhi bengingazibona ngilele lapho, ngibe nomuzwa oxakile ngempela, ngacabanga ukuthi ngibe nokuhlaselwa yinhliziyiyo futhi ngafa. Futhi ngacabanga, “Awu, uma lokhu kungukufa, he, lokhu kuyamangalisa!”

²⁵ Futhi ngi—ngiyanitshela maKristu khona manje, aninayo neyodwa into eningakhathazeka ngayo, uma nikuKristu. Ungakwesabi neze ukufa, ukufa akunakwesaba kukho, qhabo, qhabo, qhabo, kuyinjabulo.

²⁶ Futhi ngahlangana nalabo besifazane lapho. Futhi, ngokweqiniso, ngi—ngiyezwa, ngezinye izikhathi, ngithe ukuba l’khunyana kodadewethu. Ngi. . . Hhayi—hhayi ukuzama ukuba nonya, kodwa a—angifuni ukuba bafane nezwe lonke, ngi—nginomona ngabo. Niyabo? Mina, nje, ngi—ngifuna babe ngamaKristu angempela, ngifuna babukeke njengakho, baziphathe njengakho, futhi babe njengakho, futhi babe ngokoqobo.

²⁷ Mina, futhi yingalesosizathu ngishisekela abazalwane bami. Angibafuni bangene emavangelini amancane amadala ezenhlaliswano, njengoba uphuma emshinini othize wokuchamusela phandle lapha, ngiwafuna abe ngamadoda kaNkulunkulu angempela, ame futhi angaxegisi kuleloZwi, aleneke ngempela lapho. Lokho yi—lokho yi. . . Akusikho ukuthi ngizama ukulimaza abazalwane bami, ngi—ngibathanda kakhulu kakhulu ngalokho, ngithanda abantu kakhulu kakhulu ngalokho. Kodwa, ngempela, uthando luyasika, benikwazi lokho na?

²⁸ Manje, mama, ngifuna ukukubuza okuthize, noma indodakazi engakabi umama okwamanje: Uma—uma umama wakho, noma umntwana wakho, ubephandle lapha esitaladini, futhi niyawazi lawomambuka amancane egijima kulowomgwaqo, nalabo bedakwe uhhafu, nakho konke, leyonganyana izobulawa, futhi ibingeke ihlale ngaphandle esitaladini, ubungathi, “Awu, s’thandwa, qhubeka nje futhi uhlale phandle esitaladini, ngiqagele lokho kuzolunga?”

²⁹ Hhayi i...Ubungeke uyithande leyongane uma uziphathe kanjalo. Uthando lwangempela beluyophumela lapho, futhi ubuyoyifaka ekuyalweni okunjalo futhi uyibhaxabule, yaze yahlala ngaphandle kwalesositaladi. Ngabe kunjalo na? Khona-ke ningangithukutheleli. Niyabo? Ngifuna nje niqhele ezintweni zezwe, yilokho-ke, dedani kukho nje, sukani kukho.

³⁰ Manje, izinhlango, niyangizwa ngizithwansula kanye ngasikhathi. Manje, angiqondile ukusho ukuthi inhlango ayilungile. Qhabo, mnumzane. Kodwa niyabo, ufika nje endaweni othi, "NgingoweChurch of God." "Ngingowe-Assemblies." Lokho kuyafana nje njengoba wawuvame ukuhlekisa ngeMethodisti usho lokho, neBaptisti nePresbyterian, futhi sangena ngqo esiseleni esifanayo. Niyabo? Manje, bona balungile, iMethodisti ilungile, iBaptisti ilungile, i-Assemblies of God, iChurch of God, bona bonke, balungile.

³¹ Kodwa mfowethu, lapho, uyabo, akunandaba ukuthi kukuphi, manje, bantu abanomqondo kamoya, ngethemba ukuthi niyaqonda, nizobhekisisa, ukuthi into yokuqala niyazi, njengomzuliswano wokuqala nje wabaphostoli, bonke bagcwaliswa ngoMoya, umzuliswano wesibili uqala ukuphuma, umzuliswano wesithathu uphinde uphume, futhi emzuliswaneni wesine, baqhubeka ngqo baphumela ebuhedenini. Bese kuthi-ke ubuRoma, noBuhedeni, nobuKristu, futhi konke kwahlanganiswa ndawonye futhi kwenziwa ibandla lomhlaba wonke. Futhi kusukela lapho... .

³² Niyabo, leyo yinto efanayo, uMartin Luther wayenemvuselelo yangempela, ngenkathi uLuther esaphila, wayigcina iqondile. Benazi yini ukuthi uMartin Luther wakhuluma ngezilimi na? Yebo, mnumzane, impela wakwenza. Futhi wayenezibonakaliso ezinkulu nezimanga. Kodwa ngenkathi uLuther efa, kwenzekeni na? Ibandla lahlela, futhi lapho laya khona. Omunye umjikelezo wawukhuphuke ngomshini wokuchamsela, futhi bonke bahamba.

³³ Manje, niyabo, uMartin Luther, kwenzeka wabona iNsika yoMlilo enkulu, futhi waYilandela. Futhi, kodwa wenzani...benzani na? Bahlela ngqo phansi kwaleNsika yoMlilo, futhi ungeke wahlela uNkulunkulu. Ngakho, iNsika yoMlilo yahamba, noLuther wayengenakuhamba naYo ngoba wayehleliwe.

³⁴ Kwase kuthi-ke uJohn Wesley wabona, futhi wasuka waqhubeka nokungcweliswa. Futhi benzani emva kwezinsuku zikaWesley na? Bakuhlela. Futhi kwenzani ngaleyonkathi ngenkathi umbhaphathizo, khona-ke Kwaphuma futhi, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele na? Kwase kuthi-ke iPentecostal yakubona, futhi basuka bakulandela. Kodwa benzani na? Into efanayo eyenziwe yiyo bonke abanye, bahlela ngqo ngaphansi kwayo. Emva komzuliswano wokuqala wobaba

abadala, cishe amashumi amane, iminyaka engamashumi amahlanu edlule, laba bafo abasebasha bayangena, khona-ke abafu abasha nabazukulu baqala ukuza. Nakho lapho okhona, niyabo, emuva ngqo, into efanayo.

³⁵ Kodwa khumbula, mfowethu, lowoMlayezo ufanele unyakazise isizwe, noma, unyakazise iBandla. Ungabheki *into ethize* enkulu ukuba yehle kuwo onke amaphasi, uMlayezo kaNkulunkulu uyoba ncamashi eBandleni elikhethiwe. Lezizibonakaliso nezimanga azisoze zenziwa phambi kwezwe, azifanele ukwenziwa.

³⁶ UMongameli weNkampani iFour Rose Whiskey, umkakhe wayenjalo, uyiMissionary Alliance, futhi wayekomunye wemihlangano, wabiza uMfowethu Bosworth, owayeyiMissionary Alliance, wayesethi, “Into yakho ingukuthi, awusivumeli lesosiphiwo siqale ukuphuma.” Wathi, “Engikubone izolo ebusuku kuyokwenziwa ezindlini ezinkulu, kanjalonjalo, zesizwe, ngani,” wathi, “bekuyophenduka, kulethe umhlaba wonke ebuKristwini.” Kodwa niyabo, akuthunyelwanga ezindlini ezinkulu zezizwe, niyabo, kuthunyelwa eBandleni elikhethiwe. Niyabo, awu. . .

³⁷ “O,” bathi, “faka igama lakho ezibonakalisweni ezinkulukazi, futhi ushaye izikhungo ezinkulu zemizwa, ungene kwithelevishini.” Kwakungahloselwe lokho, ngithunyelwe kini nje, iBandla, niyabo, yilokho-ke. Manje, Likholwe ngayo yonke inhliziyu yakho.

³⁸ Ngifuna ukusho lapha, ngenkathi ngisesebandleni, lesi kube yisikhathi esimnandi ngempela kithi, siyamthokozela uMfowethu Buntain, nakulabo esisebenza nabo, nabazalwane, nonke nina bantu. Futhi ikakhulukazi nina bantu, lapho izinkonzo ezingesizo ezokuphulukisa, niza nje futhi nimi lapha, nilima, futhi nje ukudedela kuwele noma yikuphi lapho okufuna khona, futhi, kodwa nje ukuhlala ngokweqiniso eZwini.

³⁹ Angikasho nelilodwa izwi ebengingesekela ngalo, futhi angikasho nelilodwa izwi iBhayibheli elingalisho, kunjalo, noma ngingakufakazisa ngomBhalo, ngakho bekuhambisana neZwi. NoMoya oNgcwele obusisiwe ufikile ngaso sonke isikhathi, uqinisa iZwi ngqo, impela nje.

⁴⁰ Futhi nina bantu abathandekayo ofike njalo ebusuku, futhi wagcwalisa phamba lendawo, futhi weza ngqo. Ngiyakuthakasela lokho, lokho kuhle ngempela. Ngikhulekela ukuthi kungabikho namunye wenu ozolahleka, nonke niyoba seMbusweni kaNkulunkulu, futhi, ngiyakhuleka.

⁴¹ Ngikhulekela ukuthi kuzoba. . . lemvuselelo ayisoze yaphela kulelibandla elincane le-Assembly of God lapha ekhoni. Ngikhulekela ukuthi ukuKhanya namandla kaNkulunkulu kuzosabalala kulokhu, kuze kuthathe lonke uGu lwaseNtshonalanga, futhi nge-ngethemba ukuthi leli

kuzoba yibandla eliyisibonelo, ngiyakwenza. Futhi amanye ama-Assemblies of God, namaBaptisti, namaMethodisti, nakuyo yonke indawo, futhi nje abambe umlilo, ndawo zonke.

⁴² Niyabo, bazalwane, asehlukene, si—singehlukaniswe, siyizidalwa ezingabantu. Niyazi, amaMethodisti adla uhlobo olufanayo lokudla eniludlayo na? AmaBaptisti enza into efanayo. AmaKatolika athanda abantwana bawo njengoba nje uthanda abakho; Amadoda angamaKatolika athanda omkawo njengoba nithanda omkenu, nabayeni, amakhosikazi ayathandana; bafuna ukuya eZulwini ngokufanayo njengoba nenza. Niyabo?

⁴³ Ngakho imehluko yethu emincane, asikhohlwe yilokho, asilule ingalo kuwo wonke umuntu, nje selule isandla, futhi sidonsele phakathi, ngothando eMbusweni kaNkulunkulu.

⁴⁴ Niyaqaphela ukuthi Wangitshelani na? Bengihlala njalo ngikholwa, futhi ngikholwa njalo, ukuthi lawomandla othando adlula ukukhuluma ngezilimi, kwedlula ukumemeza, kwedlula konke engikwaziyo, bekulokhu kuyindikimba yami:

Wundlu elifayo elithandekayo, iGazi laKho
eliligugu

Alisoze lalahlekelwa amandla alo,

Kwaze kwathi lonke iBandla likaNkulunkulu
elihlengiwe,

Lisindiswe ukuba lingabe lisona.

Selokhu kwaba ngokukholwa ngabona
lowoMfudlana,

Amanxeba aKho agelezayo ahlinzeke,

Uthando oluhlengayo lube yingqikithi yami,

Futhi kuyoba njalo ngize ngife.

⁴⁵ Khona-ke uma ngilithanda ngempela iBandla likaNkulunkulu, uKristu alithenga ngeGazi laKhe uQobo, ngingathula kanjani futhi ngiLibone liya ngokuba libi na? Angikwazi ukukwenza, angikwazi nje, mfowethu. Uma abazalwane bami bengixosha, ngi—ngingeke nje ngakwazi ukungakwenzi, niyabo, kodwa ngi—ngifanele ngihlale ngeqiniso kuleliZwi, niyabo, ngowami—ngumsebenzi wami.

⁴⁶ Manje, sizoba nomugqa womkhuleko kulobubusuku, futhi sikhulekele abagulayo. Futhi ngakho, ngineqiniso ukuthi leyo bekungaba yindlela enhle yokuvala inkonzo lapha ebandleni. Futhi bangitshela ukuthi banginika umnikelo wothando lapha ebandleni. Awu manje, a—angikucelanga lokho, bangane, angizelanga lokho lapha, ngizela inhlanganyelo nani, futhi nomelusi wenu omncane lapha, mina, yilokho engikuzele, hhayi umnikelo. Uma ungalokothi unikeze nelilodwa isenti elibomvu, ubuyo... Ngiyofana nje, niyabo, ngi—ngiyakuthakasela ngokufanayo nje, niyabo, futhi akusikho lapho...

⁴⁷ Angikaze empilweni yami, ngineminyaka engamashumi amahlanu nanye ubudala, kade ngishumayela iVangeli iminyaka engamashumi amathathu nanye, ngelusa iTabernakele leBaptisti iminyaka eyishumi nesikhombisa, futhi angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami, neze empilweni yami. Ngelusa iminyaka eyishumi nesikhombisa ebandleni lamaBaptisti lapho eJeffersonville, e-Indiana, futhi angikaze ngibe ngisho nepuleti lenkongozelo ebandleni. Kunjalo. Hhayi ngoba bengeke bakwenze, ngoba ngangikwazi ukusebenza, ngakho ngavele ngaphuma futhi ngasebenza, umsebenzi onzima, futhi, ngihamba amashumi amathathu, amamayela angamashumi amathathu nanhlanu ngosuku, ngiqapha, nezinto ezinjalo, ngidabula ehlane, futhi ngisebenza kolayini abaphakeme, nanoma yini enye efikayo emsebenzini, ngiziphilise, ngangingewona umthwalo kubantu.

⁴⁸ Ngiyayithanda iNkosi, yilokho-ke, niyabo, akusiyo imali, akusizo lezozinto, kunguku—kungukuzama ukuthola iBandla likaNkulunkulu, nathi sonke ndawonye, ukwenyukela kuloloHlwitho olukhulu. Ngibhekisisa ukuphela, yilokho engikubukayo, njengoba nginitshelile ngokugibela ibhayisikili. Uma nibuka *lapha* ukuthi kwenzekani manje, nizo—nizobaleka impela nisuke ebhodini, kodwa uma nje ugcina iso lakho ekugcineni, futhi ubambe unganyakazi, qhubeka nje ubhekisisa ekugcineni, uyabo, ungeke uthole ukwethuka kakhulu, niyabo. “O, kuzoba kanjani *lokhu* na? Kuzoba kanjani *lokho* na?”

⁴⁹ Lapho ngingena emhlanganweni, ngesinye isikhathi, ngiqaphela abafana bami, ngiyababiza, iqembu lami, bayongena, “Mfowethu Branham, lona uhambe...” Ngilokhu nje ngibuka isiphambano, niyabo, ngilokhu ngihamba nje, kuzolunga, kulungile. Akukaze kwehluleke namanje, ngakho nje ngeke kwehluleke, yilokho kuphela. UNkulunkulu wakwethembisa, futhi ngeke kwehluleke, uNkulunkulu washo njalo. Futhi ngakho siyaMthanda ngalokho.

⁵⁰ Manje, sizofunda umBhalo, futhi nje sibe namancane—amancane amazwi ambalwa kulobubusuku. Futhi kusasa ebusuku, manje, sizoba sezansi eHholo elikhulu likaMasipala. Futhi ngiyaxolisa ukuthi—ukuthi senze lomgamanxo omncane ngokushesha impela, indlela esenze ngayo, sashintsha, njalo. Ngiyacabanga, abazalwane, abanye babo bacabanga ukuthi mhlawumbe kuzonikeza abantu indawo ethe xaxa ukuze bakwazi ukwethamela ibandla.

⁵¹ Futhi ngithemba ukuthi akukho—muntu oya kulamabandla amahle ngalapha, ozo—ozophuthelwa izinkonzo zabo kusasa ebusuku, ngi—ngithemba ukuthi abakwenzi. Uma benesikhundla somsebenzi, yimani kulokho. Ukuthi uma esikhundleni sakho somsebenzi ebandleni lakho, noma ngabe uyaphi, futhi ukhokhe okweshumi kwakho kulo, futhi uyamthanda umelusi wakho, futhi umkhulekele. Futhi uma

udinga ukukhulekelwa, mcele, uyindoda kaNkulunkulu, uzokukhulekela. Futhi Uzowuphendula umkhuleko wakhe, ngokufanayo njengoba Ezokwenza owami, noma owanoma ubani omunye, ngoba empeleni, ngukukholwa kwakho uqobo kuNkulunkulu okwenza umsebenzi, kunjalo, impela nje.

⁵² Manje, nonke yibani kahle, futhi uNkulunkulu abe nani njalo. Futhi ngithemba ukubuya ogwini lapha futhi, ngivakashela ezansi ngidabule lapha futhi kule-Assembly of God encane, ngenyuke, ngingqongqothe emnyango, ngithemba ukuthi niyangingenisa, futhi ngiyangena, nginishumayebele futhi, futhi sinestikhathi esincane senhlanganyelo ngapha. Futhi nitshela abelusi benu, kanjalonjalo nxazonke, nina enivakashayo, nibanike uthando lwami nokukhonza, futhi nizame ukumchazela engizama ukukwenza, uzama ukubamba iBandla likaNkulunkulu ophilayo ndawonye njengobunye obubodwa, uMzimba owodwa omkhulu. Ngiyalithanda lelculo:

Asihlukene,
Sonke singuMzimba owodwa;
Munye ethembeni naseMfundisweni,
Munye othandweni.

Phambili, masosha angamaKristu!
Nimasha sengathi niya empini.

⁵³ Futhi manje, amakhadi omkhuleko azokhishwa kusasa ebusuku ngelesithupha nqo, eHholo elukhulu likaMasipala. Futhi manje, kulabo, isizathu sokuba senze lokho, kunezixuku eziningi kakhulu kuyo, bese-ke beshova, befuqa, omunye ethi, “Ngibe lapha kuqala,” uyazi ukuthi kunjani, u—ungeke nje wakwenza, ufanele ubanike ikhadi. Futhi ikhadi alinalutho kodwa nje inombolo encane kulo, ngakho gcina inombolo yakho nje, futhi lapho inombolo yakho ibizwa, khuphuka.

⁵⁴ Manje, ngicabanga ukuthi yilokho kuphela ebengizokusho kulobubusuku, futhi ngitshele. . . Futhi abaculi, iculo, ikhwaya, nabo bonke, ngiyabathakasela, bonke. Naleloqembu elicule kulokhu ukusa, ini, iSquire na? ISquire? He, babengabaculi abamangalisayo! Nalelonenekazi elincane phezulu lapho eliculayo, belinomoya omuhle, inenekazi elincane, elincane, belibukeka lifana nomNorway omncane kimi. O, uma lilapha, futhi lingekho, anginazinwele zokuzidonsa, ngakho. . .

⁵⁵ Niyazi, ngangikama ezintathu noma ezine zami enganginazo zisele, ngoluny’usuku, nomkami wathi kimi, wathi, “Billy, uyazi ukuthi usucishe ubenempandla na?”

Ngathi, “Kodwa angilahlekelwanga nayiluphi lwazo.”

Wathi, “Ini?”

Futhi ngathi, “Angikaze ngilahlekelwe nayiluphi lwazo.”

Wathi, “Ngiyacela, ngitshele ukuthi zikuphi.”

⁵⁶ Ngathi, “Ngitshele ukuthi zazikuphi ngaphambi kokuba ngizithole.” Kunjalo. Ziyinto, kunjalo na? Ngakho noma ngabe zazikuphi ngaphambi kokuba ngizithole, zilapho zingilindele ukuba ngize kuzo. Ngakho lapho umuntu ekutshela ukuthi uMfowethu Branham ufile, ungakukholwa, ngafa eminyakeni edlule, niyabo, ngiya nje kulowomzimba omncane ngaleya. Lapho lesi sidumbu esidala sesiphelile:

Ngizoqathaka ngivuke,
Ngibambe umklomelo ongunaphakade,
Futhi ngimemeze, ngenkathi ngidlula emoyeni,
“Usale kahle, usale kahle, hora elimnandi
lomkhuleko!”

⁵⁷ Awu, yiqiniso lelo, akunjalo na? Kuyiqiniso. Niyabo, nina, lezozinwele zaziyo ethize, zibophezelekile ukuba zibe yinto, zazikhona ndawondawo.

⁵⁸ Ngani, ngake ngacabanga ukuthi ngesinye isikhathi, ngiyikholwa elikhulu. . . Ngi, ngidubula, niyazi ukuthi kunjani, nezibhamu ezinkulu, kanjalonjalo, nabantu banginika izibhamu, futhi ngidlala ngazo. UGene nami lapha, sinakho nje i, siziphumuze sidubula okuhlosiwe. Futhi—futhi ngingathatha i—i .220 iSwift, leso ngesinye sezibhamu ezidubulayo ezisheshayo ukusuka ehloombe, futhi ingalayisha lokho, ilayishe ngesandla lokho, kuya emafidini ayizinkulungwane ezinhlanu ngomzuzwana. Manje, cabanga ngakho. Niyabo? Kodwa uma nje ufaka ingxenywe eyodwa kwezine yohlamvu ngaphezulu impushana kulo, ungadubula uqonde ngqo kulelofasitela, futhi ubungeke ushaye iwindi. Futhi akuwi lutho, inhlamvu ijika ibuyela ngqo emagesini ayo asekuqaleni, njengoba yayinjalo ezigidini zeminyaka eyedlula. Niyabo? Manje, niyabo, kwakungamagesi, kwase kuba yinto ethize, futhi uma kuhlala isikhathi eside ngokwenele kungabuya ngqo kube yinhlamvu futhi. Niyabo? Kunjalo-ke. Niyabo?

⁵⁹ Kungokwethu. . . Engi. . . lezozinwele zazikhona ngaphambi kokuba zibe phezu kwami, zingilindile, nazo zonke izinwele zibaliwe, futhi akukho nokukodwa kwethu okuzolahleka, kodwa, “Ngiyokuvusa ngezinsuku zokugcina,” kusho uNkulunkulu. Ngiyakukholwa lokho nje njengoba kuyiqiniso njengoba ngikholwa ukuthi ngimi khona lapha.

⁶⁰ Senziwe kuphela ngemisuka eyishumi nesithupha, leyo yipetroliyamu, ipotashi, ukukhanya komhlaba nezulu, nokunye nokunye, ukuze ukuthi. . . uNkulunkulu uthola. . . kusemhlabeni, futhi Uzovele akubize futhi, futhi ngizophendula. Kunjalo. Ngiyakukholwa lokho. Ngiyakukholwa lokho ngakho konke okusenhliziyweni yami, nomphefumulo, nengqondo, ngiyakukholwa ngesizotha phezu kwaleliBhayibheli, uma ngifela kukho emizuzwini emibili elandelayo, ngiyakukholwa lokho, ukuthi Uzobiza, futhi akukho neyodwa into e—

engangiyiyo ngenkathi ngineminyaka engamashumi amabili ubudala, kodwa engiyoba yikho lapho, kunjalo, kuphela ngingafi, ngeke ngisadingeka ngiphinde ngife.

⁶¹ Ngeke yini kumangalise lokho na? Cabanga ngabantu abadala. Nalowombono, ngenkathi ngilapho, ngabona lowo wesifazane, abesifazane abahle kunabo bonke engake ngababona, izinwele ezinde okhalweni lwabo, futhi begqoke iziketi ezinde, begijima benyuka, bengigaxa, bengibiza ngomfowethu. Ngibone amadoda, namazinyo awo emhlophe njengeparele, amehlo awo ecwebezela, egijima futhi engigaxa ngezingalo zawo, bangibize ngomfowethu, bonke bebancane. Futhi angikuqondanga.

Futhi Wathi, “Uyambona lowo wesifazane ovele wakugaxa nje na?”

“Yebo.”

Wathi, “Wayesedlule emashumini ayisishiyagalolunye ngenkathi umholela kuKristu. Wayengekubize ngani ngomfowabo othandekayo na?”

Lokho kungenza ngicindezele. O, he! Niyabona ukuthi kungani ngisika futhi ngidonsa, “Wozani, asambeni, bangane?”

⁶² Phansi enhliziyweni yami ngiphethe izimfihlo eziningi, niyakwazi lokho, nikwazi ngokuphelele lokho, ngakho ufanele nje ungethembe ekukuholeni, angisoze ngalishiya iZwi, ngiyohlala neZwi ngqo, kodwa nje linganisa kuLo ngqo manje.

⁶³ Futhi lapho ubuyela lapha, lapho usubuyela enkonzweni, woza futhi, uma ngifika, iNkosi iyasivumela siphile, noJesu uyalibala, unyaka kusukela namhlanje ngiyabuya, ngithemba ukubona lesisixuku lapha nje sikhanya ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu namandla kaNkulunkulu, bese ngithi, “Uyazi ukuthini? Yonke i-Assembly of God, yonke iChurch of God, yonke iFoursquare, yonke i-Oneness, iTwonest, iThreeness, neFourness, futhi bonke phansi naphezulu ogwini banhliziyonye nje, nalemvuselelo isemandleni kaNkulunkulu, nje inyakazisa lolugu njengoba ingakaze yenze.”

O, bengiyothi, “Nkosi, inceku yaKho mayimuke ngokuthula, ngokuba amehlo ami abonile insindiso yaKho.” Kunjalo, bengingalungela ukuhamba.

Uma nigcina imiBhalo phansi . . .

Nithandeka kakhulu. UBilly uyangitshela, wathi, “Babayi, ukhuluma isikhathi eside kunoma ushumayela,” washo.

⁶⁴ “Awu,” ngathi, “Kukhona engingakhuluma ngakho, ngakho, nento ethile ehle, into ethile engiyithanda kahle ngempela.” Futhi ngiyazi sonke siyakujabulela, asikujabuleli na? Qhubekani nikhuluma omunye nomunye.

65 Manje, ngifuna uku . . . ngingeminye imiBhalo ebhalwe phansi lapha kulobubusuku, futhi, ngingabhakisela kuyo. Futhi ngifuna niphenye ngale kuJeremiya 8:22, futhi sizofunda lamavesi—lamavesi:

Alikho yini ibhalisamu kwaGileyadi; inyanga ayikho lapho na? pho kungani . . . ukuphila kwendodakazi yabantu bami kungasindiswa na?

66 Lowo ngumbuzo, gcina lokho enhliziyweni yakho. Umbuzo: “Alikho yini ibhalisamu na? Alikho yini ibhalisamu kwaGileyadi; inyanga ayikho lapho na? Pho kungani impilo yendodakazi yabantu baMi ingasindiswa na?” Uma lingekho ibhalisamu, futhi ingekho inyanga, uma ikhona, pho kungani—kungani ingasindi na? Ngumbuzo.

67 Ngiyakholwa uma uNkulunkulu enza ukuhlinzekela, nendlela yokuphunyuka yabantu baKhe, enzela abantu baKhe okuthile, bese kuthi-ke abantu bale ukukwemukela, Unelungelo lokubuza ukuthi kungani.

68 Ukuba-ke wenzele othile okuthile na? Uma uthi, “Manje, ngizokunika imoto yami, igcwele upetroli, isesimweni esihle sokuhamba, ngifuna ungithathe ekhoni emizuzwini eyishumi.” Futhi ulinda imini yonke nobusuku, futhi umuntu akezi neze, futhi uhlangana nabo ndawondawo, unelungelo lokuthi, “Awukwenzanga ngani na?” Ngabe kunjalo na?

69 Futhi uNkulunkulu kuyo yonke iminyaka, ngenkathi Enza . . . Akakaze enze indlela yokuphunyuka ukuthi abantu ngokugcwele bayoyithatha, bekuhlala njalo kukhona labo abahoxayo. Kodwa ngifuna niqaphele into eyodwa enkulu, ukuthi njalo uNkulunkulu uthumela umusa, nokwahlulela kulandela umusa. Futhi lapho nina, uma ningawemukeli umusa, khona-ke nifanele nemukele ukwahlulelwa. Niyakukholwa lokho na?

70 Manje, uma niqaphela, ngaphambi nje kweMpi yoMhlaba yokuqala, bemukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele kulelizwe, nakwamanye amazwe. Niyabo? Manje, lapho sesibone into enkulu kunazo zonke, imvuselelo enkulu kunazo zonke, izinkonzo ezinkulu kunazo zonke esezake yaziwa kusukela ezinsukwini zikaJesu Kristu, inqamule lesisizwe, ngitshela ukuthi kunini, kuphi, kukuphi lapho esake, sake safunda khona encwadini, noma sezwa, noma sazi ngisho ngenkonzo njengoba sinayo namhlanje. Manje, yini ezokulandela na? Ukwahlulela, ukukwenqaba.

71 Bukani inkonzo yeNkosi yethu, ngoba bakwenqabile, sibe nakho enkonzweni izolo ebusuku, ngokukwenqaba, kwenzekeni na? Ukwahlulela kwalandela. Impela, njalo. Ngoba ba . . .

72 Bukani, uMoya oNgcwele wehla eRashiya cishe eminyakeni eyikhulu eyedlula. Benikwazi lokho na? Impela, kwakwenza. Bawenqaba. Batholani na? Wawela eJalimane ngaphambi

kokuba uwele lapha. Batholani na? Babengeke basemukele isiphambano, ngakho bathola isiphambano esiphindwe kabili, iswastika. Niyabo?

⁷³ Futhi manje, ngenxa yokuthi salile, njengesizwe (Futhi ngikholwa ngempela ukuthi senza iphutha lethu elibulalayo ngo '56. Futhi lapho si. . . Manje, khumbulani, nginakho erekhodini, niyabo.), futhi khumbulani nje, asisophinde sibuye futhi, sesiphelile. Kunjalo. Siyakhothoza. Kodwa ayisoze yabuya futhi, akusoze kwabakhona imvuselelo enkulu eshanela lesisizwe ngaphambi kokwahlulelwa. Siza ekwahlulelweni, sisendleleni yaso lapho manje, cishe impela noma ngasiphi isikhathi zuzofika. Ngiyakholwa, qobo lwami, ngiyakholwa ukuthi ngaphambi kokuba lokhu ukwahlulelwa okukhulu kushaye isizwe, ukuthi ukuFika kwesiBili kukaJesu kuzosusa iBandla laKhe emhlabeni, ngiyakukholwa.

⁷⁴ Manje, siyazi ukuthi izwe alikwazi ukukumela ukuqhuma kwe-atomu. UNkulunkulu usenzele indlela yokuphunyuka kukho, kodwa uma senqaba ukuphunyuka kukho, khona-ke Uzobuza ukuthi kungani singakuthathanga.

⁷⁵ Manje, Wenze yonke into Ayethembisa eBhayibhelini. Manje, abantu abaningi. . . Angehlukani nezifundiswa, qhabo, mnumzane, kodwa ngisebenza kuphela ngesambulo, isambulo sizofanele sibe yiZwi, uma kungahambisani neZwi, khona-ke kuyisambulo esingalungile. Abaningi babheke izinto ezinkulu ukuba zenzeke, futhi bakusebenzisa lokho ku-Israyeli futhi hhayi eBandleni. Thatha izahluko ezintathu zokuqala zeSambulo futhi uneBandla khona lapho. Khona-ke uJohane wahlwithwa onyakeni webandla. Manje, ngakho usuku lwethu seluzophela nje, iBandla, iVangeli manje lizobuyela kumaJuda ePalastine. Bese kuthi-ke unyaka wabeZizwe usuphelile, maqondana nonyaka webandla, elangempela, iBandla eligcwaliswe ngoMoya.

⁷⁶ UNkulunkulu wenza indlela, bese-ke abantu bengahambi kuyo, Uthi, "Ngani na?" Ngesinye isikhathi inkosi yakwa-Israyeli, ngoba ngoluny'usuku yayihamba iphumela eheleni laso segosi layo, futhi yawa ngehele, futhi yona, kwayilimaza, yathatha isifo nokugula kukho, futhi ngakho yathatha umbhede wayo. Futhi iyinkosi yakwa-Israyeli, nokho esikhundleni sokuthumela ukubuza kuNkulunkulu, yathumela amanye amadoda ayo enhla e-Ekroni ukuyobiza kuBali, uBelzabule, onkulunkulu phezulu lapho, abaprofethi babo, noma ngabe yayizosinda noma qha.

⁷⁷ Manje, niyazi uNkulunkulu wembula izimfihlo zaKhe kubaprofethi baKhe, siyakwazi lokho, ezincekwini zaKhe, Uyakwembula lokho. No-Eliya mhlawumbe wayesemuva ngale emhumeni wakhe. Futhi wayazi kanjani ukuthi inkosi yadonsa lamadoda angena, yathatha amadoda amabili noma amadoda,

futhi yathi, yawathuma, yayisithi, “Manje, hambani ninqamule esizweni sakithi, nithathe izinsuku eziningana, bese nehlela e-Ekroni, futhi lapho nifika ezansi lapho, kuyobakhona, niyohlangana noBali, u—unkulunkulu wase—wase-Ekroni, futhi manje, nibuze kumprofethi wakhe ukuba abuze kuBali, uma ngizosinda noma qha”?

⁷⁸ Kodwa niyazi, ngokuthi wayengumIsrayeli, khona-ke uNkulunkulu wakwembula ku-Eliya umprofethi, futhi Wathi, “Yenyuka, futhi ume endleleni, futhi ubamise.”

⁷⁹ Futhi ngakho, lamasosha, noma abaqaphi bethempeli bafika, behla ngomgwaqo, bekhuluma, nokuthunywa okuqinile ukwenyuka ukuyobonana nonkulunkulu wabahedeni ngalokhu, ngoba sonke isizwe sasingene esonweni.

⁸⁰ Futhi yileyo indaba namhlanje, sonke isizwe singena esonweni, amajoyinti kagologo, abantu sebeyabanda futhi bagcina umthetho ngegama, ezinhlelweni zomsakazo ezingahlungwe, izinhlelo zethelevishini ezingahlungwe, futhi kuheha kakhulu, nesono sihle kakhulu, size sihehe ukunaka kwabantu. Futhi uma bengazelwe ngokusha ngokweqiniso, lapho ukuheha kwabo kukuKristu futhi benomqondo munye, bayolandela leyonto, bayoziphathisa okwalabobantu. Futhi u—umoya walokho uzoba phezu kwabo.

⁸¹ Kwakuvamise ukuba ngamaPentecostal amadala ayengabavumeli abantwana bawo baye ngisho nasembukisweni wezithombe, udeveli wadonsa owodwa emehlweni abo, waletha umbukiso wesithombe ngqo endlini. Kunjalo. Futhi ngakho, niyabona ukuthi wakuthola kanjani na? Eshelala, ehlakaniphile, enomzimba omncane ngakho konke. Ungalokothi umthethe kancane, hlala lapho esiphambanweni, indawo kuphela yokuhlala ukuze uphephe.

⁸² Ngakho izingwazi ezindala, niyabo, zahlala noNkulunkulu, lomprofethi wahlala noNkulunkulu, ukuze uNkulunkulu akwazi ukukhuluma kuye. Ngokwejwayelekile, abantu bahamba njengoba isizwe sihamba, njalo bekunjalo. Futhi yileyo indaba namhlanje, abantu bahamba njengoba isizwe sihamba, uma kulungile, isizwe sikwenza kube semthethweni ukuphuza, ngani, kulungile. Uma bekwenza kube semthethweni. . .

⁸³ Ngibone inenekazi lihamba emgwaqeni ngoluny’usuku, ukuthi noma yiliphi iphoyisa elalinokuziphatha okuhle ngalo, ngabe laxosha leyontombazane yasuka esitaladini, indlela eyayigqoke ngayo, angikaze ngibone noma yini eyinhlamba kangaka empilweni yami yonke. Abantu begijima bephuma egaraji likapetroli nezinto, begqolozela le ntombazane behla ngesitaladi. Kukuphi ezweni osekuphenduke kwaba ngukuziphatha okuhle kwabantu bakithi na? UNkulunkulu wayemhlonipha owesifazane ukuba abe ngelineye lamagugu omhlaba. Nokuthi uzozithengisa kanjani ku—udeveli

kungaphezu kwe...Awu, yingoba akamazi uNkulunkulu, yilokho kuphela okukhona kukho. Niyabo? Azi ukuthi umzimba wakhe ungewele, futhi akafanele akwenze lokho, futhi bayakwenza noma kanjani, ngoba bacabanga ukuthi kuhle. URicky, no-Elvis, nabobonke, benza kukhange nje lokho, futhi, “*Wheet-whewu!*” izimpisi zishaya amakhwela, futhi ziyakujabulela lokho. Lokho bekufanele kube yihlazo kunoma yimuphi owesifazane, bekungaba nenye yalezo ezimshayela ikhwela kanjalo.

⁸⁴ Yebo, wena uyiwundlu, ufanele ukuba yilo; isithandwa somuntu othile nonkosikazi, omunye umama wengane, ubufanele ube namahloni ukwenza izinto ezinjalo. Ukuhlonipha kobufazane bangempela bekufanele, i—inhlonipho owawunayo ngonyoko ibifanele ikuhole ngokwehlukile kulokho. Kunjalo.

⁸⁵ Qaphelani ukuthi kuba kanjani nje...Nabashumayeli bavele behlisele phansi, makufike ngqo ebandleni labo. Ekugcineni, kancane kancane kungena ngesinyelela, kancanyana *kanje*. Ngahlala futhi ngakhuluma nomshumayeli omdala weMethodisti kungekudala, wayevame ukucula iculo:

Sehlise imigoqo, sehlise imigoqo,
Saxegisa nesono.
Sehlise imigoqo, izimvu zaphuma,
Kodwa izimbuzi zingene kanjani na?

⁸⁶ Awu, ngicabanga ukuthi iculo lakhe liyakuzwakalisa ngempela, nehlice imigoqo, yilokho kuphela. Nje yehlisa imigoqo, oyedwa uyangena, futhi uqala ukukhuluma ngakho ngalendlela, futhi—futhi baqala ukubuka, waphumelela kancanyana, bese-ke ethi, “Awu, uma uJones engakwenza, uDkt. Jones, ngingakwenza, nami,” futhi into yokuqala uyazi lapho kuhamba khona.

⁸⁷ Futhi kufana nje nesihlibhi esidala esishushuluzayo sishushuluza, ushelele kuso. Bangaki okhumbulayo isihlibhi esidala esishushuluzayo sishushuluza na? Uhlala phansi, ulokhu ushelele kalaza ngempela, ubona ukuthi usondela kangakanani onqenqemeni, nakho konke, ngaphambi kokuba wazi, [UMfowethu Branham ushaya iminwe yakhe—Umhl.] usushone phansi. Yilokho okwenzeke ebandleni lePentecostal, kunjalo. Ungaboni ukuthi ungasondela kangakanani kukho, bona ukuthi uhlala kude kangakanani, kukho.

⁸⁸ Ngesinye isikhathi kwakukhona umshayeli owayedingeka akhuphukele entabeni, nendoda kwadingeka iphuthume futhi inqamule izintaba, futhi ngakho bathi...omunye umshayeli wenyuka, wathi, “Ngingumshayeli ophelele impela, ngingashayela lamakhanda ayisithupha amahhashi nenqola yami phakathi kwamayintshi ayisithupha alolorimu, ngaphesheya kwalolo olukhulu, unqenqema lwamafidi

ayizinkulungwane. Ngingashayela ngama-intshi ayisithupha ngokugabavula okugcwele, futhi ngingawi neze.”

Nomunye umshayeli wasukuma, wathi, “Mnumzane, ake ngikuthathe, ngingashayela phakathi kwamayintshi amane awo ngokugabavula okugcwele, futhi ngingalokothi—futhi ngingalokothi ngiwe.”

Futhi kwakukhona umfo omdala emi laphaya nje ebuka, idri- . . . indoda yayifuna ukuwela intaba, yathi, “Uthini ngawe, mnumzane na?”

Wathi, “Awu, buka, mnumzane, ngokwalokho abakhuluma ngakho, bangabashayeli abangcono kunalokhu engiyikho. Ngigona udonga, angithathi amashansi.”

Wathi, “Ngiwelise.” Niyabo?

⁸⁹ Ungaboni ukuthi ungasondela kangakanani esonweni ungoni, bona ukuthi ungaqhela kude kangakanani naso, yileyondlela okungayo. Suka endaweni yaso ngokuphelele. Yileyondlela engifuna ngayo ibandla, lelo yibandla engifuna ukusonta kulo, lowo ogwema khona impela ukubonakala kwesono, asuke kuso.

Uthi, “Awu, amantombazane ethu, noma abesilisa bethu, noma owethu . . . banokuzijabulisa okuncane nje okuhlangezile.” O, he, he, “ukuzijabulisa okuhlangezile,” lokho amaMelikana akubiza ngokuthi “ukuzijabulisa okuhlangezile,” mm!

⁹⁰ Ngangisenhla eCanada esikhathini esingeside esedlule nomngane wami olungileyo uFred Sothmann, ngihlezi lapho. Omunye womMelikana omkhulu, angizukulibiza igama laleliqembu, futhi ngakho, babephezulu lapho bene—nengqungquthela, namabhodlela kagologo enqwabele yonke into. Ngenkathi ngingena ngalobobusuku, ngaqala ukwenyuka i—i, ngagibela ikheshi, nalowomfana, kwaze kwangenza ngaba namahloni ukuthi ngangingumMelika, futhi wabuka lapho, futhi u . . . Nga—ngathi, “Yin’indaba na?”

Wathi, “AmaMelika aphakathi kulobobusuku.”

Ngase ngithi, “He!” Lokho kwakuseSaskatoon. Ngase ngithi, “Ilangala elithile linengqungquthela yabo.”

⁹¹ Futhi ngakho, ngenkathi ngenyukela lapho futhi ngehla ehholo ekamelweni lami, ngaqala ukwehla, kwakukhona amanekazi amabili asemancane emi emuva lapho, omabili efake amabhande omshado nezabo, begqoke nje isiketi sabo sangaphansi, bedakwe ngakho konke. Namadoda amadala adakiwe ezama ukufinyelela kuwo, mhlawumbe umyeni ekhaya, egade izingane, mhlawumbe lamadoda, efinyelela emva kwalaba besifazane abasebasha, namakhosikazi awo ekhaya enakekela ingane, kodwa babenokuzijabulisa okuncane okuhlangezile kwaseMelika. Kungukungcola nesono! Kunjalo.

⁹² Futhi behla ngehholo, nalomfo omdala wadumela lona ngesiketi sangaphansi, futhi wazama ukumdonsa, futhi wacishe wanqamula elinye lamabhande ehlobo, futhi wayelahlwe, ngokwesabekayo. Uyehla, izintombi ezinhle, zombili, zehla zedlula lapho, zidiyazela *kanjalo*.

Futhi ngavele ngabuyela emuva ekamelweni elincane, njengokuthi, ihholo elincane *kanje*, futhi ngabhekisisa.

⁹³ Basondela impela phambi kwami, babenebhodlela likagologo, futhi welula isandla phansi, wathatha lelibhodlela, wayeseliphakamisa, wayesephuza futhi, lelobhande lomshado licwebezela esandleni sakhe.

Inhliziyo yami yavele yaphuma kimi, ngase ngicabanga, “Enhle, into encane kanjalo, bese-ke bukani ukuthi wenzani!”

⁹⁴ Kwase kuthi-ke omunye wedlula ngapho, wathatha—wathatha lesi siketi esincane, ayekugqokile, isiketi sakhe sangaphansi, wasidonsela phezulu le ngangokunokwenzeka, wayesempompoloza, “Whupi, ukuphila lokhu!”

⁹⁵ Ngaphuma ehholo, ngathi, “Ngiyaxolisa, lokhu ngukufa! Lokhu ngukufa! IBhayibheli lathi, ‘Ophila ngokutamasa ufile esaphila.’”

Bathi, “Phuza.”

Ngathi, “Umzuzu nje. NgingumMelika.”

“Kuhle,” bathi, “uYankee omdala!”

⁹⁶ Ngathi, “Anime kancane, ngingumshumayeli weVangeli. Aninamahloni ngani na?” Ngasho. Omunye wabo wayenguthisha kaSonto Sikole. Ngathi, “Aninamahloni ngani na?” Futhi ngambamba ngesandla, wayemncane kakhulu ukuba angagijima, ngambamba. Waqala ukudazuluka, futhi edonsa *kanjalo*, futhi ngacabanga ukuthi mhlawumbe bazophuma futhi bangibophe, bacabange okungalungile ngami. Ngakho ngathi, “Awu—awunamahloni ngawe na? Njengabesifazane enhla lapha, nobabili nifake amabhande omshado nabayeni benu ekhaya!”

Wathi, “Sinokuzijabulisa okuncane okuhlanzekile.”

Ngathi, “Yisono!” Kunjalo.

⁹⁷ UNkulunkulu wenza indlela yokuphunyuka kodwa nje abayikuyithatha. Yini eyenza abantu benze lokho na? Yingoba uNkulunkulu wenza umuntu ukuba ome. Futhi wena . . . Angalinga kanjani noma yimuphi umuntu onesibindi sokuzama ukwenelisa lokho koma okungcwele ngezinto zikadeveli! Ungazami ukwenza lokho, awusoze waneliseka, kuphela kuletha ubuhlungu benhliziyo, kukwenza uthathe ivolovolo futhi uqhumise usaphaze ubuchopho bakho. Lokho okungenakuphila kwangempela kukho, ukuphila kwangempela

kuvela kuNkulunkulu. Awusoze weneliseka futhi ujabule ngokuphelele...

⁹⁸ Futhi elinye lalamaKristu aphakathi nendawo, afanele ukuba yiwo, ngumuntu olusizi kunabo bonke ezweni. “O, angikwazi ukukwenza *lokhu*. Ukuba ibandla lami belazi ukuthi ngakwenza *lokho!*” UNkulunkulu uyazi ukuthi uyakwenza, kwenza mehluko muni na? Khona lapho, yiba nenhliziyo yakho yonke igxile ngqo kuNkulunkulu, futhi uhlale nakho ngqo, khona-ke uyajabula, uhamba ngokuthula naYe.

⁹⁹ U-Eliya wenyuka, wama endleleni, nakhu kukhuphuka lamadoda, futhi athi, eza kuye, athi, “Buyelani emuva bese nitshela inkosi yenu, ISHO KANJE INKOSI: ayehli kulowombhede. Yibuzeni ukuthi kungani engathumelanga ezansi lapha, ingumIsrayeli. Ngabe yingoba kungekho Nkulunkulu kwa-Israyeli na? Yingoba asinamprofethi na? U-Israyeli akanamprofethi, kanjalo noNkulunkulu na? Kungani ungathumela ngaleya e-Ekroni na? U-Israyeli akanaye yini umprofethi na? U-Israyeli akanaye yini uNkulunkulu na? Pho kungani ungathumela kuBelzabule, noma ku—noma kuBali na? Kungani ungabuzi ngalezozinto na? Ngabe yingoba asinamprofethi, noma yimuphi uNkulunkulu na?”

¹⁰⁰ Yilokho uNkulunkulu azokubuza i-United States ngolunye lwalezizinsuku, “Uzenzeleni lezozinto na?” Yilokho uNkulunkulu azokubuza ibandla lePentecostal ngolunye lwalezizinsuku, “Niyelani emidansweni na? Kungani nenze kanjalo na? Kungani abesifazane bephungule izinwele zabo na? Kungani amadoda enze *lezizinto* na? Kungani babegqoke njengezwe na? Kungani baziphathisa okwezwe na? Kwakungenxa yokuthi kwakungekho Vangeli, kungekho-kujabula, kungekho-Moya oNgcwele othululelwe phezu kwenu na? Ngabe yingoba babengenaye umshumayeli owayengakushumayela na?”

¹⁰¹ O, yingoba, njengoba kwakunjalo nje ezinsukwini zenkosi, kwakuyinkani yakhe uqobo, wamzonda umprofethi, ngoba unina wayemzonda, wayeyindodana kaJezibele. Futhi yingalesosizathu u-Ahabi, ikholwa elithiyeka emnceleni... Futhi yingakho kwaba, elidala, elibandayo, ibandla eliyilo ngegama aphuma kulo. Futhi yingalesosizathu ukuthi wamzonda umprofethi, ngoba umprofethi wamtshela iqiniso, futhi akazange ancenge ngakho, futhi wamzonda. Unina wayemzonda lowomprofethi, uyise wayemzonda lowomprofethi.

¹⁰² Uyise wathi, ngenkathi—ngenkathi uJehoshafati ehla, futhi wehlela lapho ukuba ahlale no-Ahabi, wathi, “Asenyukele lapha eRamoti-gileyadi futhi sithathe izwe enhla lapho,” wathi, “lingelika-Israyeli.”

¹⁰³ Futhi, kusobala, wamkhombisa zonke izinto ezinkulu a—ababenazo, futhi yena, kusobala, yileyondlela udeveli

enza ngayo, anikhombise zonke izinto ezinkulu, futhi kwaphuphuthekisa amehlo akhe, wayesethi, “Awu, abantu bakithi bangabantu bakho.” Wathi, “Kodwa awucabangi ukuthi besifanele sibuze iNkosi ngakho kuqala na?”

¹⁰⁴ Wathi, “Impela, ngempela, Jehoshafati, kunjalo nje, sifanele. Nginabashumayeli basekholiji abangamakhulu amane ezansi lapha, abedlula bonke,” babenababedlula bonke okhona ezweni. “O, ngizohamba ngibathole bonke, ngibakhuphulele lapha.”

Futhi bonke baprofetha nganhliziyonye, bathi, “Yenyuka, yenyuka, iNkosi inawe.”

Kodwa lokho akumfanelanga kahle uJehoshafati, wathi, “Awusenaye omunye na?”

“Omunye futhi na? Ngenkathi sinamakhulu amane ekholiji lami nganhliziyonye, bonke bekhuluma into efanayo!”

Angikhathali ukuthi bangaki okhulumayo, uma kungesilo iZwi likaNkulunkulu, akusilo iZwi likaNkulunkulu!

“Sinamakhulu amane ahlakaniphile, aqeqeshiwe, abaprofethi abafundisiwe bemi lapha, nganhliziyonye bathi hamba.”

Kodwa uJehoshafati wathi, “Kodwa, impela, unomunye futhi.”

¹⁰⁵ Wathi, “Ya, sinomunye umgingqiki ongcwele,” ngiyaxolisa, ngingahle ngingafanele ngikusho lokho, kodwa, awu, sengikushilo, noma kanjani. “Ya, sinaye, uMikhaya, umgingqiki ongcwele enhla lapha, kodwa ngiyamzonda.” Nakho lapho okhona.

“O, inkosi mayingasho njalo.” Wathi, “Yenyuka futhi umlande, futhi ubone ukuthi uzothini.”

Wathi, “Ngiyakwexwayisa, uprofetha kuphela okubi ngami.”

¹⁰⁶ Impela, ubengakwenza kanjani na? Yini enye abengayenza na? Lapho esekubonile, okwezwe, yini ayengayenza ngaphandle kokumela iqiniso na?

¹⁰⁷ Bahamba bamthola, kwase kuthi-ke, kusobala, babenebhodi yabadikoni ukuba bahambe bamthole ukuba abambe leyomvuselelo, basebethi, “Manje, awume kancane, manje ungashumayeli umelane *naLokhu*, futhi ungashumayeli umelane *naLokho*. Ungabatsheli abesifazane ukuthi abafanele bagunde izinwele zabo, futhi ungabatsheli ukuthi abafanele bazipende ubuso, ngoba bonke abesifazane bakithi uyakwenza.”

Ngike ngaba nabo ukuba basho lokho, futhi ngithi, “Thula! Ufuna mina—ufuna mina, nakhu ngiyeza.” Niyabo?

¹⁰⁸ Ngakho, bathi kuMikhaya, bathi, “Manje, shono into efanayo bonke abanye abayishoyo, ngoba ngelinye ilanga, uyazi ukuthini, uyoba ngumbonisi jikelele, uma nje uzongilalela,

ngi—ngizo . . . bazokuthatha bakungenise enkomfeni uma nje uzovumelana nabo.” Qhabo, lokho akuhlali enhliziyweni yomprofethi wangempela kaNkulunkulu. Qhabo, mnumzane.

¹⁰⁹ Wayengezukumelana nabo, wayengenazintambo zokudonsa, noma kungekho mathikithi okudla ayezothengwa. Ngakho, wavele wathi nje, “Ngizosho nje lokho uNkulunkulu akufaka emlonyeni wami ukuba ngikusho, yilokho kuphela.” Ngakho, wehlela lapho wayesethi, “Nginike kulobubusuku, ake ngibone ukuthi iNkosi izothini.” Uyabuya ngosuku olulandelayo, niyazi ukuthi wathini, “Ngibone u-Israyeli emagqumeni, ehla kaze kile njengezimvu ezingenameli.”

Wathi, “Ngikutshele ini na?”

¹¹⁰ Kwase kuthi-ke inhloko yeNhlangotho yaBefundisi yammukula emlonyeni, yavele yamshaya yamhlala phansi. Ya, kunjalo. Yathi, “Waya ngaphi uMoya kaNkulunkulu ngenkathi uphuma kimi na?”

Wathi, “Uzobona uma isiprofetho sami sesifezeka.”

¹¹¹ Wathi, “Mfakeni etilongweni elingaphakathi, mfakeni emuva lapho, futhi nimnike isinkwa sosizi namanzi osizi,” u-Ahlabi wathi, “ngize ngibuye ngokuthula.”

UMikhaya wathi, “Uma ubuya nokubuya, uNkulunkulu akakhulumanga kimi.”

¹¹² Manje, kungani bengathatha . . . ? Abalithathanga ngani lelozwi lendoda eyodwa na? Niyabo? Indoda eyodwa esizweni sonke imelene nokungalungile. Futhi bonke abanye . . . Ngani na? Ngoba babekholwa isigejane esinesithunzi. Bakholwa oPh.D., LL.D., namaQ.S.D., nazo zonke izinhlobo zoD.D. nalo lonke uhlobo, yonke into yayihamba nakho. Babefuna ukukukholwa ngoba babecabanga ukuthi babehlakaniphe kakhulu, futhi befundile.

¹¹³ Kodwa bhakisisani, ubani owayeqinisile na? UMikhaya wayeqinisile, ngoba wahlala neZwi leNkosi impela, wahlala impela. Wayengakubusisa kanjani lokho iZwi likaNkulunkulu elalikuqalekile na?

¹¹⁴ Nginganitshela kanjani nina besifazane ukuthi nikahle nezimwele ezimfishane, nokupenda ubuso, nezingubo sengathi wathululelwa kuzo njengesoseji esihlutshiwe, nento ethize efana naleyo phandle lapha, lapho iZwi likaNkulunkulu likulahla na? Kungani nginganitsheli ukuthi niqinisile, i-Assemblies of God yenu, neChurches of God, neFoursquares, futhi bengenisa abantu, *ukujoyina*, bengena kunjalo, mabaziphathise okwezwe, futhi beqhubeka, kube yizo zonke izinhlobo zezinto ezehlukene, kube kuyiphutha na? Kunjalo, kuyiphutha. Esikudingayo akusibo ubulunga obusha, ngamandla kaMoya oNgcwele abuyele ebandleni futhi, imvuselelo yePentecostal eyifeshini

endala emandleni nezibonakaliso zikaMoya oNgcwele. Senganele ngalezizinto!

¹¹⁵ Ibandla iFoursquare lingomunye wabaxhasi bami abakhulu, banamanye amadoda amahle kunawo onke phakathi lapho, uDkt. Teeford, abaningi balabo, bangamadoda amesabayo ngempela uNkulunkulu. Kodwa ngenkathi uDadewethu McPherson, nami, noRolf wayehlezi edla ngoluny'usuku, wayekhuluma ngenhlangano ethize, noma indoda ethize kulolugu yayithathe iningi lamalunga abo, ngathi, "Lokho kukhuluma kabi kabi ngawe." Kungani bezoya lapho bezothi khona kwakhiwe ibandla lamadola ayizigidi ezine noma ezinhlanu, futhi usuvele unalo elakho elakhiwe, laphaya ukukhokha lesosikweletu na?" Ngathi, "Kwenzekeni na?"

¹¹⁶ "Uyazi ukuthini?" Ngathi, "Ngenkathi uDadewethu McPherson elapha wayenemvuselelo, wahlala noMoya, abantu babeza bevela ndawo zonke, begcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Kodwa kwenzekeni ngenkathi efa na? Naqala ukwenza oPh.D., oD.D.D., oL.D. abaphindwe kabili, ama Q.S.D. nazo zonke izinhlobo zezinto. Futhi ninani manje na? Indlovu emhlophe ebiza isigidi samadola ezandleni zenu." Kunjalo. Esikudingayo ngukubuyela emlayezweni wePentecostal, sibuyele kuMoya oNgcwele, lelo yiqiniso.

¹¹⁷ UMikhaya akakwazanga ukusho okungaphezu kwalokho, ngoba yilokho okwashiwo ngu-Eliya. Wathi, "Ngabona ibandla laseZulwini lonke libuthene ndawonye linomkhandlu, futhi Wathi, 'Ubani esingamthola ukuba ehle futhi adukise u-Ahabi na?'" Ngokunye, ukwenza izwi lomprofethi u-Eliya lifezeke, amkhiphele lapho ukuze abulawe, ngoba izinja izofanele ikhothe igazi lakhe enqoleni, ngoba u-Eliya washo njalo, lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu wathi, "Ubani esingamthola ukuba akwenze na?"

¹¹⁸ Futhi wathi umoya wamanga uyakhuphuka, wathi, "Ngizokwehla futhi ngingene kubo bonke labo bashumayeli, futhi ngizobenza bacabange ukuthi baqinisile."

¹¹⁹ Kungani na? Wayengakwenza kanjani na? Umoya wamanga ungangena kanjani kumshumayeli na? Ngoba wayexegise eZwini likaNkulunkulu. Ukuba ubengashumayela iZwi likaNkulunkulu, belingeke lingene kuye. Noma yimuphi umoya okhuluma okuphambene naleloZwi, ungamanga. Kunjalo. Leyo yi-Urimi neThumimi kaNkulunkulu. Kunjalo. Uma lingekho *Lapha*, liyiphutha, *Yilo* leli.

¹²⁰ UNkulunkulu wethu angenza izinto ezingalotshwanga kuleNcwadi, kodwa Unenqwaba eyenele lapha ukuba ngihlale nayo ukwazi ukuthi ngiqinisile, khona *Lapha*. Uma nje ngigcina *Lokhu*, lokho kuzoba kuhle.

121 Manje, “Hamba, umtshela, akehli kulowombhede, ISHO KANJE INKOSI, akehli embhedeni, uzofela embhedeni,” futhi wakwenza.

122 Ngakho ngenkathi izithunywa zibuyela ezansi eNkosini u-Ahaziya, wathi, indodana ka-Ahabi, ngakho yathi kuye, wathi, “Wenzani emuva kusesekuseni kangaka na?”

123 Wathi, “Sihlangane nendoda phezulu lapho ethe, sikutshela, ‘ISHO KANJE INKOSI, uthumeleleni lapho na? Akekho umprofethi kwa-Israyeli ongabuza kuye na? Akekho yini uNkulunkulu ezansi lapha kwa-Israyeli, ufanele uthumele laphaya kwabezizwe na?’”

124 Ngamany’amazwi, “Ayikho yini injabulo eyanele eBandleni na? Kungani uhlale ekhaya ngoLwesithathu ebusuku ukuba ubuke ithelevishini na? Akusekho yini ukujabula eBandleni, akukho lutho enhliziyweni yakho olulangazelela ukuzwa iZwi likaNkulunkulu ngaphezu kokuthanda ukubona okuthi *We Love Susie*, noma ngabe ziyini lezozinto ohlala ekhaya ukuba uzibone na?”

125 Yini indaba na? Abefundisi abazange bangicele ukuba ngisho lokhu, nginitshela iqiniso nje. Yini indaba ngebandla na? Yilokho impela okungalungile. Uma nina bantu nithi, “Awu, umelusi wethu . . .” Umelusi wethu lutho! Yima emgqeni noNkulunkulu, futhi uzofanele, kungenjalo uzophuma. Kunjalo. Ibandla malime emgqeni. Kunjalo. Hlala nje neZwi. Ulahlekelwe yiyo yonke injabulo na? IVangeli alizwakali kini njengoba lalivame ukwenza na? Kukhona okungalungile-ke. Uma lolothando lukaNkulunkulu lungekho ngaphezu kwakho konke okunye oku . . . Inhliziyo yakho, lapho leyonsimbi yebandla ikhala, inhliziyo yakho iyavutha nje.

126 Lapha eminyakeni ethize edlule ngangehla esigxotsheni sikatheleloni, futhi ngangisebenzela izikhungo zomphakathi ngenkathi ngelusa itabernakele leBaptisti. No—noDkt. Brown ungumngane wami omuhle onamandla, usonta ebandleni elihle lehlelo lapho, futhi bathi banamalungu angamakhulu amahlanu, kodwa basemhlabeni wonke jikelele, futhi abanye babo sekuyiminyaka befule, kodwa, ngakho empeleni, wathi yilokho ababenamakhadi akho.

127 Ngakho, khona-ke ngangehla ngesigxobo, futhi—futhi kade ngehla phezulu kwegquma ezansi ngezansi kweNew—New Albany lapho, ngangehlile ukuyolanda isikweletu sikagesi. Babengitshelile, yenyukela lapho futhi utshela labobantu ukuthi badelele lesosikweletu sikagesi sihambe inqobo nje uma babengakwazi, babenesaziso esibomvu, futhi sasizodingeka sicishe amalambu.

128 Awu, esikhundleni sokwenyuka futhi ngikucime, ngacabanga, ofana nomnumzane ohloniphekile, ngizoya emnyango futhi ngingqongqoze emnyango futhi ngitshela

inenekazi okwakuzokwenzeka. Ngaya emnyango, ngase ngingqongqotha emnyango. Kwakukhona owesifazane omdadlana, intombazane, iza inqamula, lapho ingenazingubo ezenele ukuba ivike isibhamu ingebe, iza ngalapho, niyazi, awu, wawungakufaka ebhokisini likamentshisi, ngokwethembeka, angikaze ngimbone owesifazane ogqoke ngokuzacile kangaka empilweni yami.

Uza emnyango, nganginjalo, ngavele ngaphendula ikhanda lami, ngathi, “Sawubona?”

Futhi wathi—futhi wathi, “Awu, ubufunani na?”

Ngathi, “Nenekazi, ngivela eNkampanini yezemiSebenzi yoMphakathi.” Ngathi, “Ba... Ngi... bangithumele ukunqamula lamalambu,” ngasho.

¹²⁹ “O,” wathi, “uyazi, ngikhohlwe yikho konke ngakho.” Wathi, “Umama wangitshela ngolunyusuku ukuba ngehlise lesi sikweletu sikagesi, futhi uyazi, ngivele ngasikhohlwa.” Ngaleyonkathi kwase kungeleshumi nqo futhi wayengavukile embhedeni.

¹³⁰ Ngakho ngathi, “Kulungile, thola isikweletu, futhi ngizokunikeza irisidi yaso nje, futhi sizowushiya ukhanya, ngoba uma ngikunqamula, kuzokubiza amadola amabili ukuwuxhuma futhi.”

“O,” wathi, “Ngiyabonga.”

Ngase ngithi, “Kulungile.”

¹³¹ Futhi waqala ukunqamula i—iphansi futhi wayevule lowomsakazo omdala, futhi lona lapha uClayton McMichen, noma ngabe yini, uhlobo oluthize lwalawa lapha amakati katom ase*Georgia*, ama*Wildcats*, noma *enye into ethize*, wayenohlobo oluthize lwe—lwe... wayeshaya levawolini endala, niyazi, ehamba, edlala leloculo elincane cishe “amafidi amahlanu kabili futhi limbozwe ngoboya,” nakho konke kanjalo, “dlula,” nalo lonke lolohlobo lombhedo, futhi wayeqhubeka edlala kanjalo.

¹³² Futhi waqala ukunqamula kwiphansi lendlu, futhi leyonto bandla yayingenwe kakhulu yilolohlobo lomoya, wahamba, “*Qhwaba, qhwaba, qwaba*,” kulo lonke iphansi. Manje, angikusho lokho ukuba kube yihlaya, ngi—nginitshela nje ukuthi liyini iqiniso. Futhi wayehambahamba empongoloza, “*Qhwaba, qhwaba, qhwaba, qhwaba*,” futhi wakhohlwa ukuthi ngangimi emnyango.

¹³³ Kwase kuthi-ke ngenkathi lendoda yomdanso, niyazi, eyayinevawolini, wathi, “Manje, nonke phumelani e*Greenbrier Ridge* endala kulobubusuku, sizoba phandle lapho, futhi sizokwenza umculo wokuzibinya,” noma ngabe kwakuyini, wehla, wamqabula, wathi, “Usale kahle, s’thandwa esidala,” wathi, “Ngizoba lapho ngqo!”

Ngavele ngama nje ngalinda, ngase ngacabanga, “Mntwanyana ndini.” Niyabo? Kuyihlazo, enhle, intombazanyana.

¹³⁴ Ngalinda kancanyana, yayisithi, “O, ngiyaxolisa,” yathi, ngiza nemali, uyazi, yathi, “Ngiyathanda nje ukudawunsa kahle kakhulu.” Ukugqokisainja, manje, niyazi, akusikho ukudawunsa. Ngakho yathi. . .Um-d-a-n-s-o awupeli uthi dawunsa. Ngakho yathi, “Ngiyathanda nje ukudawunsa kahle kakhulu.” Yathi, “Uyazi ukuthini?” Yathi, “Ngilahlekelwa nje. . .”

Ngathi, “Ngikuqaphelile.” Futhi ngakho, ngisanda kwemukela ukuphoqa kwayo, ngathi, “Ngiyabonga kakhulu,” futhi ngaqhubeka ngaphuma.

¹³⁵ Kwakungakabi kodwa yisikhathi esincane, ngaphuma futhi ngathola amanye ama-oda futhi ngakhuphuka. Futhi nganginendawo enhla lapho lapho omunye wayenyuke khona futhi waphusha izintambo kwimitha, futhi nje ekuhambisa ngaphandle kwalokho, futhi omunye umuntu phakathi lapho e-ayina. Ngani, ukuba babesike intambo phezu kwakho, amakhulu angamashumi amabili nantathu ayedlule lapho, bekungabulala owesifazane afe ne-ayina esandleni sakhe.

¹³⁶ Ngakho ngadingeka ngenyuke futhi ngingume lawomaqhuzu, ukuze bangakwazi ukukufaka kuqonde *kanjalo*. Ngakho-ke, ngikusika *kanjalo* nje, ngehla, noDokotela Brown wayehla ngomgwaqo. Wathi, “Halo, Billy!”

Ngase ngithi, “Halo lapho, Dkt. Brown.” He, uyindoda ekahle kakhulu, umshumayeli weMethodisti.

Futhi wathi, “Unjani kulokhu ukusa na?”

Ngathi, “Kahle, kahle.”

Wathi, “Nina maBaptisti ngempela ninesikhathi phezulu lapho, aninaso na?”

Ngathi, “O, yebo, mnumzane. Nje sine. . .”

Wathi, “Usithola kanjani lesosixuku onaso phezulu lapho njalo ngeSonto ebusuku, Billy na?”

Ngathi, “Ngibanika amaphilisi.”

Futhi wathi, “Hlobo luni lwamaphilisi na?”

Ngathi, “Amaphilisi e*Vange*.” E-hhe.

Futhi wathi, futhi ngakho, “O,” wathi, “awulahlekelwanga umqondo wakho waseningizimu.”

Ngathi, “Qha, qha, kunjalo.”

¹³⁷ Wathi, “Uyazi ukuth’ni, Billy na?” Wathi, “Ngolunye usuku. . .Nginamalunga angamakhulu amahlanu kulelobandla ezansi lapho,” futhi wathi, “Ngithumele amakhadi angamakhulu amahlanu ukwenza labobantu benze isithembiso ukuthi babeza

izinyanga eziyisithupha onyakeni kuSonto sikole. Phakathi nonyaka babebhalisa kasithupha e—e . . . babebhalisa izinyanga eziyisithupha ngonyaka, babeza.” Futhi wathi, “Uyazi ukuthi bangaki abaphendulile na?”

¹³⁸ Ngase ngathi, “Anginamqondo, Mfowethu Brown.” Manje, wayeyindoda enomoya omuhle, yebo, mnumzane, ngikholwa ukuthi eyangempela, indoda yeqiniso. Futhi ngathi . . . Angikholwa ukuthi wayenoMoya oNgwele, qhabo, mnumzane, angikholwa. Kodwa ngiqonde ukuthi, ngikholwa ukuthi lokho a—ayekushumayela wayekukholwa, futhi wayeqinisile lapho njengoba wayehamba.

¹³⁹ Njengendoda eyikhaladi, idla ikhabe, yathi, idla ucezu lwalo, yase ithi, “Uthini ngalokho, Mose na?”

¹⁴⁰ Wathi, “Lelo belimnandi, kodwa kuneliningi lalo.” Futhi lokho kuthi nje akube yindlela okungayo, niyabo. Ngakho leyongxenye yayihamba kahle kakhulu lapho ehamba, kodwa akahambanga kude kakhulu.

¹⁴¹ Ngakho manje-ke ngathi, “Bangaki abaphendulile, Mfowethu Brown na?”

Wathi, “Ababili baphendule ngeSonto eledlule.” Wathi, “Ucabangani ngalokho na?”

Ngathi, “Awu, lokho kubi impela, Mfowethu Brown.”

¹⁴² Ngathi, “Uyazi ukuth’ni, Mfowethu Brown, ngifuna ukukutshela into ethize encane, eyenzekile esikhashaneni esedlule.” Ngathi, “Ngangisezansi eNew Albany,” ngangiseJeffersonville ngaleyonkathi, ngathi, “ngangisezansi eNew Albany,” amamayela amathathu nje ngezansi, ngase ngathi, “ngangingqamula ukusetshenziswa ezansi lapho ngenzela umuntu ongasikhokhanga isikweletu sabo. Ngenyuka ngase ngingqongqotha emnyango,” ngase ngimtshela ngentombazane.

¹⁴³ Futhi ngathi, “Leyontombazane, yayithatheke kakhulu, yahamba yanqamula kwiphansi lendlu, emva kokukhuluma nami, nalowomnyuziki waba nomthelela omkhulu kuyo, yaze yahamba yanqamula kwiphansi lendlu ihamba ithi, ‘*Qhwaba, qhwaba, qhwaba,*’ futhi—futhi yamanga lowo Clayton McMichen,” noma ngabe igama lakhe lalingubani kuleyo *Greenbrier Patch*, kumbe noma ngabe wayezoba yini phandle lapho. Ngathi, “Ucabanga ukuthi ukhona ozofanele asayine ikhadi ukuze ayithole iye lapho ngoMgqibelo ebusuku na?”

Wathi, “Awu, qhabo.”

¹⁴⁴ Ngathi, “Ibingabambisa iboleke imali ini, lezozingubo ezimbalwa eyayizigqokile, ibizofika lapho.” Kunjalo. “Ngani na?” Ngathi, “Ngoba kuyo kwakukhona umoya wokudansa.” Futhi ngathi, “Manje, Mfowethu Brown, ungxixolele ngokungazi kwami, futhi ungacabangi ukuthi ngizama ukukutshela okuthize, kodwa ngifuna ukukutshela okuthize khona

manje.” Niyabo? Ngathi, “I...Uma labobantu bebemthanda uNkulunkulu njengalowo wesifazane ethanda ukudansa, bebeyoba sebandleni, ubungeke udingeke ukuba usayine noma yiliphi ikhadi ukuze ubafikise lapho.”

¹⁴⁵ Futhi yilapho okukhona, mfowethu, ibandla lilahlekelwe ukushisekela kwalo, uthando lwalo ngeVangeli, ngamandla, ngoMoya oNgcwele, lilahlekelwe yikho. “Ibhalisamu alikho kwaGileyadi yini, inyanga ayikho yini lapho na? Pho kungani indodakazi yabantu bami ingasinda na?”

¹⁴⁶ Kungikhumbuza njenge—indoda ifa ezitebhisini zomnyango kadokotela lapho udokotela enekhambi lesifo sayo, into efanayo. Kunjalo. Uma umuntu enesifo, nodokotela unobuthi balesosifo, nendoda iyeniyuka futhi iyenqaba ukuthatha umuthi kadokotela, khona-ke uma indoda ifa ngqo esitebhisini somnyango kadokotela, ungasola udokotela na? Ungabusola ubuthi na? Ubani okufanele asolve na? Yena uqobo. Kunjalo. Ungeke wasola udokotela, unobuthi, uyavuma ukubunikeza. Ungeke wasola ubuthi, isayense ibutholile ngenxa yesifo. Ngakho, ufela ngqo esitebhisini somnyango, kodwa ungamsoli udokotela. Kunjalo impela.

¹⁴⁷ Into efanayo nje namhlanje, abantu bafa ngqo emabhentshini asesontweni ngenxa yesono. Akungoba singenabo ubuthi, akungoba singenazo izinyanga, yingoba abantu abafuni ukubuthatha. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹⁴⁸ ...futhi ucabange ukuthi ubengayilungisa ingalo yakho, kuyinto eyingozi ukungakwenzi lokho, ufanele ukwenze, kuyingozi uma ungakwenzi. Futhi kwakukhona isikhathi sasingenabo ubuthi obuningi, abantu babebulawa yisifo esivimbanisa umphimbo, kodwa banobuthi kuso. Uvendle, ubuthi iSalk, lokho—lokho kuhle, ngi—ngiyakuthakasela ngempela lokho. Ngikholwa ukuthi indoda ibingazithoba kakhulu...

¹⁴⁹ Wena uthi, “Mfowethu Branham, uyakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu na?” Lokho konke ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, konke nokuncinyane kwakho ngukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. “NgiyiNkosi Ephulukisa zonke izifo zakho.” Ya. Konke nokuncinyane kwakho kungukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Uma izibhedlela ne, nezinto ezinjalo kungesiyo i...

¹⁵⁰ Ngitsheleni lapho okwake kwabakhona udokotela oyedwa owayengaphulukisa isifo, noma ungitshela ukuthi bawutholaphi umuthi ozophulukisa isifo. Ngaba nengxoxiswano kwaMayo, nikubonile kwi*Reader's Digest*, kanjalonjalo, uDonny Morton, waphulukiswa phezulu lapha, bangibiza, futhi bathi, “Asizisho ukuthi singabaphulukisi, Mnu. Branham, kuphela sizisho ukuthi sisiza imvelo, munye uMphulukisi, lowo nguNkulunkulu.” Impela.

151 Ngangishumayela ngalokho ngesinye isikhathi, omunye wathi, “Kuthiwani ngomjovo kazifo zonke, Mfowethu Branham, manje-ke ngo—ngo, u—umkhuhlane omubi na?”

152 Ngathi, “Awu, kufana nje nokuthi ubunendlu yakho igcewele amagundane, bese ukhipha ushevu, ubulale amagundane, lokho akuzivali izimbobo.” Ngathi, “Umjovo kazifozonke ubulala kuphela amagciwane, awutholi...ubuye wakhe amangqamuzana egazi, nezinto.” UNkulunkulu nguye kuphela uMdali ongadala amangqamuzana egazi, ne—nekhalsiyamu, nokunjalo, udokotela uhlela ingalo, akayiphulukisi.

153 Ukuba-ke ngigwedle imoto yami, futhi ngephuka ingalo, ngangena, ngathi, “Dokotela, phulukisa ingalo yami ngokushesha impela, ngizoqeda ukugwedla imoto yami.” Niyabo? Akakwazi ukuyiphulukisa, uvele ayihlele ndawonye ngenkathi uNkulunkulu eyiphulukisa...?...Usiza imvelo nje, uNkulunkulu unguMphulukisi. Ngakho, kukhona kuphela...Kukhona amakhambi, futhi lokho kuhle, futhi uma ungawathathi lawomakhambi, khona-ke kuyingozi.

Awu, wena uthi, “Uyakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, futhi khol-...?”

154 Awu, lalela mfowethu, njalonjalo ngibakhulekela nsuku zonke imini nobusuku ukuba bathole okuthize komdlavuzo. Bukani abantu abampofu. Noma yini...Akukho okuhle obekungafika, ngaphandle uma kuvela kuNkulunkulu. Kunjalo. Besiyokwenzenjani namhlanje ukuba besingenazo lezozindawo na?

155 Ngiyazi ngenkathi ngiqala ukuphuma phakathi kwabantu bePentecostal, bona—bona, abanye baqhaq hazela emva komnyango kimi. Kodwa niyabona ukuthi uNkulunkulu wenzani, Wavele nje waqhubekele ngale, Uyabathanda, futhi nje wabayeka baqhubeke, noma kanjani. Uphulukisa ngokufanayo nje, ngakho akwenzi mehluko. Yebo, impela, konke ukuphulukisa kungokukaNkulunkulu, “NgiyiNkosi Ephulukisa zonke izifo zakho.”

156 Sengikusho kaningi: Uma-ke ngisika isandla sami lapha na? Abanawo umuthi ezweni ongaphulukisa leso sibazi sommese, akukho namunye. Uma bekungaphulukisa isibazi sommese lapho, kuphulukise isibazi sommese ebhantshini lami, noma kulelideski.

157 Wena uthi, “Awenzelwanga ibhantshi lakho noma ideski, wenzelwa isandla sakho.”

158 Kulungile. Nginesibazi sommese esandleni sami futhi ngawa ngafa. Bangehlisela emakhazeni, bese begqumisa umzimba wami ngoketshezi olungenza ngibukeke ngingowemvelo iminyaka engamashumi amahlanu. Banginika umjovo womjovo kazifozonke nsuku zonke, bafaka iMerthiolate, neMercurochrome, bayasithunga, odokotela bavela eJamane,

futhi bangigeza ngesitimu, nanoma yini enye abafuna ukuyenza. Leso sibazi sokusikeka siyofana ncamashi njengoba sasinjalo ngenkathi sisikwa eminyakeni engamashumi amahlanu edlule. Manje, uma umuthi uphulukisa umzimba womuntu awuwuphulukisi ngani na?

“Awu,” wena uthi, “awunakho ukuphila.”

¹⁵⁹ Khona-ke umuthi awusuye umphulukisi, ukuphila ngumphulukisi, niyabo. Khona-ke ngitshela ukuthi ukuphila kuyini, ngizokutshela ukuthi uNkulunkulu ungubani. UNkulunkulu ungukuphila, kunjalo impela.

¹⁶⁰ Manje, umuthi, *omningi kakhulu*, kuyingozi ukuwuthatha. Kodwa, o, ungahle uzedlulele ngokungabuthathi ubuthi bukadokotela, kodwa ungeke uzedlulele ngaphandle koButhi bukaNkulunkulu, ibhalisamu laKhe. Awukwazi ukukwenza. Kuyo—ku . . . Impela ungeke wakwenza.

¹⁶¹ Bese kuthi-ke, babuthola kanjani ubuthi na? Awu, enye *isayense* ifunda yonke inqwaba yezinto bese bezibilisa ndawonye, bese beyifaka emashubhini okuhlola, kanjalonjalo, bese bekubilisa. Emva kwesikhashana lapho befika phansi bacabanga ukuthi bakutholile, bakujova esilwaneni sokuhlolela umuthi, futhi uma sisinda kukho, khona-ke bakujobela kuwe. Kunjalo.

¹⁶² Futhi niyazi, umuthi uyobulala abanye abantu, futhi usize abanye abathile. Umjovo kazifozonke usubulale abaningi njengoba usizile, cishe. Kunjalo. Ngangifunda ngoluny’usuku lapho umhlengikazi ethatha umjovo kazifo zonke iminyaka eyishumi nanhlanu edlule, noma ngaphezulu, futhi wathatha umthamo futhi wambulala, khona manjalo. Niyabo? Manje, niyabo, uzobulala abanye futhi uzosiza abanye, ngoba bonke abantu abenziwanga njengezilwane zokuhlolela umuthi. Ngakho, siyabona ukuthi—ukuthi—yingalesosizathu usiza abanye futhi—futhi—futhi ubulala omunye. Kunjalo. Kodwa ubuthi bukaNkulunkulu busiza bonke. Yiselapho, akusilo ikhambi, yiselapho. Amen. Kunjalo.

¹⁶³ Bathi umbulali wokuqala yinkathazo yenhliziyi, e-e, ngi—ngiyahluka kini, umbulali wokuqala yinkathazo yesono, ukungakholwa, lowo ngumbulali wokuqala. O, yebo.

¹⁶⁴ Niyazi, abantu bathi, “Angikwazi nje ukuyeka ukubhema, angikwazi nje ukuyeka.”

Indoda ithi, “Bengingenalo iqiniso kumkami, Mfowethu Branham, kodwa nje angikwazi ukukuyeka, owesifazane oyedwa akanele kimi.”

¹⁶⁵ Futhi omunye, omunye wesifazane wathi, “O, angimazi Mfowethu Branham, ngaqala nje ngenkathi ngiseyintombazane esencane, ukugiji-gijima, angikwazi nje ukuyeka. Lokhu kubhidliza ikhaya lami. Ngi . . .”

¹⁶⁶ Niyazi ukuth'ni? Yingoba nje awubuzamanga ubuthi, yilokho kuphela. Uyenqaba nje ukubuthatha. Sinento ebulala lokho. Sinento ekwenza uphile ngokuhloniphekile kumkakho. Amen. Sinento ekhipha isifiso sosikilidi kuwe. Sinento ekhipha isono kuwe, kodwa uyenqaba ukusithatha, yilokho kuphela. Ungeke nje uzame ubuthi, wesaba ukuma kwakho emphakathini, wesaba lokho kuzalwa okusha.

¹⁶⁷ Niyazi, ukuzalwa okusha yilokho abantu abafuna ukukubalekela, bafuna ukubalekela udaba, ngakho udeveli uyakuphesha, wathi, "Lapho ukholwa, yilapho uzalwa ngokusha." Lokho akulungile.

¹⁶⁸ Lalelani, noma yikuphi ukuzalwa, njengoba ngishilo ngaphambili, noma yikuphi ukuzalwa kungamahliphihlphi. Angikhathali ukuthi kukuphi. Uma kusehlokweni lezingulube, kungamahliphihlphi, amahliphihlphi ezingulube azalwa phandle lapho, kuyinto embi kabi. Uma kwakuphandle ensimini ngenkathi kuzalwa inkonyane, kuyinto embi kabi, amahliphihlphi amabi. Uma kuphandle kweliphinki, igumbi lasesibhedlela elihlotshisiwe, kusalokhu kungamahliphihlphi. Nokuzalwa okusha kungamahliphihlphi, kodwa ufanele ube naleyonto emahliphihlphi ukuze uveze ukuPhila okusha. Amen.

¹⁶⁹ Yileyo indaba ngabantu namhlanje, bayesaba ukuthi buzozeza omunye wopende ebusweni babo noma ubenze baqonde, banobuthi, kodwa abafuni ukubuthatha. Futhi uNkulunkulu uzokubuza, "Kungani," ngoluny'usuku, "awukwenzanga na? Awukwenzanga ngani na?"

¹⁷⁰ Kukhona ubuthi, kunebhalisamu kwaGileyadi, kukhona izinyanga lapho. Kodwa isizathu yingoba abantu abafuni ukubhalisela leNyanga, bafuna iphilisi lezinhlungu esikhundleni, abafuni ukuxilonga isifo.

¹⁷¹ Uma ungena kudokotela futhi umtshela, "Ngi—ngiyagula, isisu sami sibuhlungu, ikhanda lami libuhlungu," ufuna ukukususa, awu, into yokuqala ayenzayo, uzokunika ifomula encane enephilisi lezinhlungu kuyo, futhi akuthumele ngaphandle. Lowo akusuye udokotela, uzama ukukususa. Udokotela wangempela uyoluxilonga lolodaba aze athole isizathu, bese-ke eqala ukusebenza kusukela lapho.

¹⁷² Isizathu sithola ukuphunyuka okuningi kulezizinkonzo, *okubizwa* ngezinkonzo zokuphulukisa. Yehlela lapho futhi usemgqeni, bhekisisa lokho kubona okufihlakele, ufinyelele phansi futhi uthole leyonto, ize ithole imbangela yayo. Lapho uthola imbangela: "Nakhu okuyikho: wenza *lokhu*, wenza *lokho*," isimilo esibi nezinto, abantu beza emsamu.

¹⁷³ Nikubonile emihlanganweni, anikubonanga na? Phakamisani izandla zenu uma nibone uMoya oNgcwele ehlukanisa lezozinto futhi azibize lezozono, amadoda aphila ngokungethembeki kumkawo, nezinto ezinjalo. Kwake

kwehluleka na? Kuyiqiniso njalo. Une... Ubungathela amafutha ekhanda labo, futhi bagxobe, futhi bampongoloze, futhi babe nokuqhaqhazela nokugodola, nakho konke okunye, lowodeveli uyolala khona lapho, ngoba unelungelo lokuhlala lapho, uze usivume lesosono, futhi usilungise, futhi uvumele uMoya oNgcwele ungene. Haleluya! Emuva ePhentekoste!

174 “Alikho ibhalisamu kwaGileyadi na? Ayikho inyanga lapho na?” Impela, ikhona, kodwa abantu abawufuni umuthi, ababufuni ubuthi bukaNkulunkulu, yilokho kuphela. O, yebo, lapho—khona—kukhona ibhalisamu kwaGileyadi, futhi kukhona iNyanga lapho, kodwa abantu abafuni ukulalela iNyanga, a-hha, besaba ukuzalwa okusha.

175 Kwakukhona isikhathi lapho u—ubuthi, ngisho besono, babungaqondile kakhulu, ngoba kwakungamawundlu, namaJuba, nezinkomo, kanjalonjalo, kodwa okungcono manje, kube nomehluko othize.

176 Niyazi, njengoba ngishilo, lapho odokotela befuna ukuzama ubuthi babo, bawushuncisela esilwaneni sokuhlalela ubuthi futhi babone ukuthi wenza kanjani. Kodwa niyazi, ngenkathi uNkulunkulu ehlisa ubuthi baKhe, Akabufakanga esilwaneni sokuhlalela umuthi, Wabufaka eNdodaneni yaKhe, qobo lwaKhe. WaZenza waba ngumzimba, niyakukholwa lokho na? Wasibekela intombi uMariya futhi wazidalela Yena uqobo umzimba, waguqula indawo yaKhe kusuka kuNkulunkulu uJehova, kuya kuMuntu lapha emhlabeni ukuba aZiveze ngomzimba. Futhi Akabunikanga isilwane okuhlolwa ngaso umuthi!

177 Futhi ngifuna ukuqondisa okunye kwalokhu lapha imfundiso yenhlaliswano abayibiza ngokuthi Wayengumprofethi nje. Akabuniki neze umprofethi, Ubunika Yena uqobo. Noma yimuphi udokotela omuhle uyozama umuthi wakhe uqobo, abone ukuthi uyasebenza yini. UJesu uzinikeza Yena uqobo.

178 Wabhaphathizwa eJordani ngoMoya oNgcwele. UJohane wafakaza, ebona uMoya kaNkulunkulu njengejuba wehlela phezu kwaKhe, iPhimbo lithi, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ukuhlala kuYo.”

179 Bakubhekisisa: Ngenkathi elingwa, ubuthi babambelela; ngenkathi Eshaywa ebusweni, sabambelela; ngenkathi Ethukwa, Akaphendulanga; ngenkathi beMgaxa ngendwangu ekhanda futhi baMshaya ekhanda ngenduku, bathi, “Uma ungumprofethi, manje sitshele ukuthi ubani okushayile,” ubuthi babambelela; ngenkathi behluthula intshebe ebusweni baKhe futhi baMphimisela ebusweni, namasosha adakiwe, akhokhe izikhwehlela futhi aMphimisela ebusweni, futhi edonsa intshebe engagcwala isandla, babambelela; eKalvari, Sabamba, haleluya; ngehora lokufa sabambelela; ngenkathi

Efa babambelela; ngenkathi uMphfumulo waKhe wehlela esihogweni, babambelela.

¹⁸⁰ Kodwa ekuseni ngePhasika kwafakazisa ukuthi KwakunguNkulunkulu. Ubuthi Abunikezayo ngukuPhila okuPhakade. Ungabugcina kanjani esihogweni na? Ungabugcina kanjani kwenye indawo na? Amasango esihogo, ukufa, nethuna alikwazanga ukukubamba. Wavuka futhi ngosuku lwesithathu, kwafakazisa ukuthi ubuthi babungobangempela. Amen. Wavuka! O, ngenkathi beMbona evuka! Abaprofethi bafa futhi wembelwa, kodwa uJesu wavuka futhi.

¹⁸¹ Ubuthi bukaNkulunkulu behle njengejuba buvela phezulu, bokhela phezu kweNdodana yaKhe uQobo, futhi Waphila impilo, enokuthula, wayehambahamba, engesiye umuntu obukisayo, iyembe elikhulu eligongobele ndawondawo, likhishelwe ngaphandle, “Uyabona ukuthi yini engingayenza na?” WaZifihla, futhi wazibamba, futhi ubuya evela kubantu, kanjalonjalo, wabizwa ngakho konke okwakungabizwa, futhi Wakhonzisa ngqo kwabathobekile, abagulayo, izifebe, nayo yonke into eyayikhona, kwabambelela, zonke izilingo kwabambelela, futhi ekufeni kwabambelela.

¹⁸² Ekuphileni kwabambelela, ekufeni kwabambelela, futhi kwafakazisa ekuvukeni ukuthi kwakungukuPhila okuPhakade. Lokho ngukuPhila kukaNkulunkulu uQobo. Igama elithi *Phakade* livela egameni lesiGrekhi elithi *Zoe*, okusho ukuthi “ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo kukuYe.” Futhi lapho wemukela uMoya oNgcwele, UngukuPhila okuPhakade, nokuPhila kukaNkulunkulu uQobo kukuwe, ungeke usafa kunoma uNkulunkulu engafa.

¹⁸³ Wazehlukanisa Yena uqobo, ngenkathi Ehla ngoSuku lwePhentekoste futhi Wazehlukanisa, iziLimi zoMlilo, leyoNsika yoMlilo, yahlakazeka kulo lonke ibandla futhi yahlala phezu kwalowo nalowo wabo, uNkulunkulu ezaba Yena uqobo phakathi kweBandla laKhe. Udumo! “Ngalolosuku niyakukwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi, naMi ngikini.” Amen. Lelo yiPhentekoste, leso yisibusiso sangempela.

¹⁸⁴ Ubuthi babambelela, yebo. Futhi kwenzekani na? Emva kwalokho, bonke babonile ukuthi Lowo kwakuyilowoJesu ofanayo. UTomase wathi, “Ngifanele ngifake isandla sami esandleni saKhe, nasohlangothini lwaKhe.” Wayesethi-ke, “Nkulunkulu wami! Nkosi yami noNkulunkulu wami!” Bonke abanye bayakubona, bakukholwa.

Wathi, “Ungathanda ukuba ngabafo abanokolotibe na?”

Wathi, “Yebo, ngifuna omunye walowomnokoloto, futhi, ngoba ngifuna ukuvuka, nami, ngosuku lokugcina.”

¹⁸⁵ Wathi, “Ngizokutshela ukuthi wenzani: Khuphukelani emzini waseJerusalema, futhi niyeke ukushumayela kwenu,

nিয়েকে ukucula kwenu, nিয়েকে ukufakaza kwenu, kodwa yenyukelani lapho emzini waseJerusalema futhi nilinde, ngokuba ngizokwehlisa yonke inqwaba yawo ivela eZulwini.”

¹⁸⁶ Futhi ngenkathi kufika, kwakungesuye u—umshumayeli ethi, “Manje, sukumani, futhi sizozala e-altare, bese sifafaza ukuxukuza kukasawoti okuncane, kanjalonjalo.” Noma umpristi ukhuphuka ngomgwaqo nokhololo wakhe ubhekiswe emuva, uthi, “Khipha ulimi lwakho, sizothatha i-yukharisti engcwele,” futhi uphuza iwayini. Babambisa zonke lezozinto, leyo yimfundiso yomuntu.

¹⁸⁷ Kodwa ngenkathi Ethumela ubuthi ezansi lapho, khona manjalo, kwavela umsindo ovela eZulwini, njengokuvunguza komoya onamandla, futhi wagcwalisa yonke indlu ababehlezi kuyo. Futhi uNkulunkulu wanokolota ikhulu namashumi amabili, ubuthi bungena kubo, ukuPhila okuPhakade. Isigejane samagwala, babengasesiwo amagwala, bahamba ngamafasitela, iminyango, nakho konke okunye, baphumela ezitaladini, futhi wayediyazela.

¹⁸⁸ Lalela, dadewethu oyiKatolika, uMariya intombi ebusisiwe wayenabo, futhi yena engunina weNkosi yethu uJesu Kristu. Futhi uma uNkulunkulu engamvumelanga eze eZulwini, waze wenyuka wayesethola uMoya oNgcwele futhi waziphatha njengabo bonke abanye, ediyazela sengathi wayedakiwe, uzongena kanjani eZulwini noma yini engaphansi kwalokho na? Cabangani ngalokho.

¹⁸⁹ Wena wesifazane oyiMethodisti, ocabanga ukuthi ngoba ungowephathi yamakhadi, nani maBaptisti enibhaphathizwe emanzini futhi nicabanga ukuthi lokho kuyakuxazulula, nani Church of, *elibizwa kanjalo*, iChurch of Christ, nani nonke, nani ma-Adventisti anosuku lwesikhombisa, nina maPentecostal nijoyina ihlelo nje, uzongena kanjani eZulwini noma yini engaphansi kombhaphathizo kaMoya oNgcwele na? Uzoba kanjani uma unganokolotwe na? Ufanele ube nento efanayo. Kunjalo.

¹⁹⁰ Yebo, bonke babediyazela njengabantu abadakiwe. Ba—babemi ngaphandle, bebahleka, bethi, “Lababantu bagcwele iwayini elisha.”

¹⁹¹ Ekugcineni, kwakukhona umshumayeli omdadlana owasukuma ebhokisini lensipho, noma isiqu, wayengenamfundo, akakwazanga ukubhala igama lakhe, wayengakaze abe kwezinye zezikole zethu, kodwa wathi, “Nina madoda aseJudiya, nani enakhileyo eJerusalema, makwazeke lokhu kini: Laba kabadakiwe, njengokucabanga kwenu, lokhu kuseyihora lesithathu lemini. Kodwa *lokhu yilokho*.” Mfowethu, uma *lokhu* kungesikho *lokho*, ngizogcina *lokhu* nje kuze kufike *lokho*...?...

¹⁹² Kwenzekani na? Bahlabeka enhliziyweni yabo, futhi bathi, “Madoda bazalwane, sinokolotwa kanjani na? Lisekhona yini ibhalisamu kwaGileyadi na? Ikhona yini inyanga lapho na?”

¹⁹³ Ya, babenenqwaba yebhalisamu. Babenenyanga. Ungathanda ukwazi ukuthi yayingubani igama layo na? Bayibiza ngoDkt. Simon Petru. “Ya, sinenyanga lapha, enitshela iqiniso, inezihluthulelo zoMbuso. Unenyanga, sinenqwaba yebhalisamu.”

“Yini esingayenza na?”

¹⁹⁴ Futhi uPetru emi phakathi kwabo, wathi kubo, “Ngizonibhalela isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, futhi sizoba ngesenu, nesabantwana benu, nesabo okude, nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza. Kuyoba yisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo saPhakade.” Futhi wathi, “Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa iSipho sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nakubo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.”

¹⁹⁵ Sizohlala isikhathi eside kangakanani lesi sithako somuthi nokusetshenziswa kwawo na? Inqobo nje uma uNkulunkulu esabiza, usenguMoya oNgcwele ofanayo.

¹⁹⁶ Manje, okuyikho, uma udokotela wakho ekubhalela isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, futhi kungcono usiyise kusokhemisi okahle, ngoba uthatha usokhemisi othize onguwaka ongasihloli kahle lesosithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, ubengabulala isiguli. Ngicabanga ukuthi yilokho okwenzekile, sinamabandla amaningi amadala, afile, agcina umthetho ngegama, awasisebenzisi isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Lokho kuzwakala kungukulinganisela, kodwa kuyiqiniso.

¹⁹⁷ Manje, lowodokotela uxilonga isifo, uyazi nje ukuthi kuthathani, uphoyizeni *ongaka* ukubulala imbewana, ikhambi *elingaka* ukuxosha ushevu, uwugcine ungakubulali. Niyabo? Futhi uma ukhipha wonke uphoyizeni kuso, khona-ke kuzokwenzani na? Isiguli sakho, ngeke usisize nakancane. Ukhipha lonke ikhambi, uzobulala isiguli sakho ngoshevu. Ngakho kungcono ube nosokhemisi wangempela owaziyo ukuthi sifundwa kanjani lesosithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, ukukutshela ukuthi wenzeni. Ungasiphazamisi lesosithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Futhi yini indaba namhlanje, kubekhona abantu abaningi kakhulu abasiphazamisayo ngakho. Kushiye ngendlela okuyiyo nje, bese uthatha umuthi. Halleluya!

¹⁹⁸ AmaMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian, iKatolika, abandayo, amaPentecostal agcina umthetho ngegama, nonke, kukhona ibhalisamu kwaGileyadi, futhi *nazi* izinyanga lapha.

Haleluya! Yini indaba na? Kunenqwaba yabo eyoqhumisa sonke isono nakho konke. . .

¹⁹⁹ Alikho yini ibhalisamu kwaGileyadi na? Impela, likhona. Ngabe zikhona izinyanga lapho na? Inqwaba yazo, zizoKufundisa ngendlela nje esibhalwe ngayo lapho, hhayi nje ukwenyuka futhi uthathe incwadi yakho iletha, bese uthi, “Ngiyayishintsha isuka kwiMethodisti iye kwiBaptisti.” O, he! Sukuma bese uthatha okuxukuza usawoti, bese uphosa ukuxukuzwa amazanyana kasawoti ambalwa phezu kwakho *kanjalo*, bese uthi, “Sekuphelile, Mfowethu, nikeza isandla sokunene senhlanganyelo, nokuvivinywa kwezinyanga eziyisithupha.” Umbhedo.

²⁰⁰ UPetru wathi, “Phendukani, yilowo nalowo.” Phendukani, jikani. Kunjalo.

²⁰¹ “Awu,” wena uthi, “kodwa Mfowethu Branham, ngenkathi ngithatha incwadi yami ngale, ngabuza amadoda lokho ngalokhu, ngakufunda eBhayibhelini, kodwa bathi, ‘O, lokho kwakukudala, abasenakho lokho.’”

²⁰² Wathini udokotela na? Wathi, “Isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.”

²⁰³ “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli.” Kubani na? “Konke okudaliweyo, konke okudaliweyo.” Kude kangakanani na? “Umhlaba wonke.” Akakafinyeleli kukho okwamanje. Sizohlala isikhathi eside kangakanani na? “Umhlaba wonke.” Kuzokwenzekani na? “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, ngeGama laMi bayakukhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha, uma bephatha inyoka, noma baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.”

²⁰⁴ Sinebhalisamu kwaGileyadi, sinezinyanga, kodwa abantu uyenqaba nje ukulithatha. Futhi uNkulunkulu uzobuza, “Ngani na? Anikwenzanga ngani na?” ngoSuku lokwaHlulelwa.

²⁰⁵ Manje, sithulule umuthi kuleliviki kanzima njengoba ngazi ukuthi uwuthulula kanjani, futhi ngokuqondile njengoba ngangazi ukuthi ulethwa kanjani. Manje, uma ungawemukeli, khona-ke uNkulunkulu uzothi, “Ngani na?” Ngolunye usuku iBhayibheli lizolala livaliwe epulpiti, umshumayeli uzodlala. . . akhuleke umkhuleko wakhe wokugcina, ompompi bayofa baphele ngenxa yecilongo, belanga liyoshona okokugcina phezu kwegquma, khona-ke uNkulunkulu uzokucela ukuba unikeze isizathu.

Lapho labo owenqaba uMlayezo
Uzocelwa ukuba anikeze isizathu,
kuzokwenzekani-ke na?

Kuyokwenzekani-ke na? Kuyokwenzekani-ke na?

Nxa leyoNcwadi enkulu isivulwa, kuyokwenzekani-ke na?

Lapho labo onqaba loMlayezo kulobubusuku, Uzocelwa ukuba anikeze isizathu, kuzokwenzekani-ke na?

²⁰⁶ Niyithamele lemvuselelo, uNkulunkulu ukwenze konke okuseNcwadini, wakufakazisa, inqobo nje uma usaphila... abantu bemukele uMoya oNgewele, bagcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu, abasha nabadala; ba—baphendukile ezonweni zabo; banenjabulo enhliziyweni yabo; sikubonile ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kwenzeka, abantu abanenkathazo yenhliziyu, nezifo ezehlukene bephulukiswa; sibonile iNgelosi kaNkulunkulu yehla, idabule esakhiweni njengoba nje Asho ngaphambi nje kokuFika kweNkosi kuyoba njalo, ukwehlukana imimoya nezinto ezinjalo; kwaphuma amazwi esiprofetho; abantu bakhuluma ngezilimi, futhi baprofetha, futhi baqinisekisa iZwi emuva naphambili, nikubonile futhi nahlala. Yikuphi okukhethayo kulobubusuku, iHollywood noma iZulu elingcwele na? Nizocelwa ukuba ninikeze isizathu ngoluny'usuku, kuzokwenzekani-ke na?

²⁰⁷ Ngesinye isikhathi kwakukhona isalukazi lapha ezweni, sasifa, sasibulawa yindlala, sishaywe indlala. Ngakho, omunye wasiphendulela eziphathimandleni, inhlango yokuphana. Futhi baya kulo wesifazane, futhi bathi kuye, “Siza ukuzophenya udaba lwakho, futhi sifuna ukwazi ukuthi yini—yini engalungile.” Bathi, “Awunabuhlobo na?”

Wathi, “Nginendodana ethandekayo.”

Wathi, “Kuphi...?”

Wathi, “Ingusomabhizinisi.”

“Iphi na?”

“IseNdiya.”

“Ngani,” wathi “ngabe ingusomabhizinisi na?”

Wathi, “Yebo.”

Ngakho wathi, “Kungani ingakuthumeli okuthile na?”
Wathi, “Inesikhathi esingakanani ilapha na?”

Wathi, “Cishe iminyaka eyishumi.” Wathi, “O, ingusomabhizinisi ophumelele kakhulu.”

Wathi, “Awu, ayikusizi ngani na?”

²⁰⁸ Wathi, “Angikwazi nje ukuyibuza, angikwazi nje ukukwenza, ingumfana onomoya omuhle kabi,” wathi, “angikwazi nje ukuyibuza ngakho.” Futhi wathi, “Ngiyibhalela izincwadi, futhi ingibhalela izincwadi ezimnandi ukwedlula zonke noma yimuphi umfana ayengazibhalela unina, futhi

ingitshela ukuthi ingithanda kangakanani.” Kodwa wathi, “Kodwa nje angikwazanga ukuyibuza ngakho.”

Futhi wathi, “Awu, ubufanele uyitshela.”

²⁰⁹ Wathi, “Angikwazi nje ukukwenza, ngitshela indodana yami uqobo ukuthi ngishaywe ubumpofu, nezinto,” wathi, “angikwazanga nje ukukwenza.” Kodwa wathi, “Ingithumelela izithombe ezinhle kunazo zonke engake ngazibona empilweni yami.”

Futhi wathi, “Awu, hlobo luni lwezithombe na?”

Wathi, “O, izithombe ezinhle ezincane, ezingaba nkulu kangako, isikwele.”

Wathi, “Ngingasibona esisodwa na?” Wathi, “Unazo kuphi na?”

²¹⁰ Wathi, “Ngizigcina eBhayibhelini lami.” Ngakho wanqamula kwiphansi wahamba umama omdala, futhi waqukula iBhayibheli lakhe, futhi uqala ukuzendlala, wazendlala.

²¹¹ Umphenyi wazibuka, wayengowesifazane ocebile. Zaziyini na? Kwakungamaphepha okukhipha imali ebhange avela eNdiya, ayenezithombe ezinhle kuwo. Wazitholaphi na? EBhayibhelini lakhe. Wayecebile futhi engakwazi. Wakuthola kuphi na? EBhayibhelini lakhe.

²¹² Awudingi ukuba uziphathise okwezwe, awudingi ukuba uhambe uboshwe wonke phansi, ucebile. Ukuthola kuphi na? EBhayibhelini. Uvele waKweqa nje, wacabanga ukuthi Kwakuyincwadi enezithombe nje, noma enye i*True Story*, kodwa aKusiyo, YiZwi likaNkulunkulu. Ucebile!

Ngingumntwana weNkosi!

Ngingumntwana weNkosi!

NginoJesu Msindisi wami,

Ngingumntwana weNkosi!

UBaba wami ucebile ngezindlu namazwe,

Uphethe ingcebo yezwe ezandleni zaKhe!

Okwamarubi namadayimane, esiliva negolide,

Amabhokisi aKhe agcwele, Unengcebo

engakhulumekiyo.

Liculeni.

Ngingumntwana weNkosi!

Umntwana weNkosi!

NginoJesu Msindisi wami,

Ngingumntwana weNkosi!

²¹³ Asikhothamise amakhanda ethu. “Alikho ibhalisamu kwaGileyadi na? Ayikho inyanga lapho na? Pho kungani iBandla laMi lisalokhu liziphatha ngendlela abenza ngayo na? Kungani iBandla laMi liqhubeka liqhela kiMi na? Yingoba

lingekho ibhalisamu kwaGileyadi, ngoba akukho-zinyanga ukuxilonga udaba lwabo, futhi zibazise ukuthi banephutha na?”

²¹⁴ Qhabo, sinezinyanga, sinebhalisamu, kodwa abantu abalifuni. Kuqala ngaqala ukukubeka phezu kwabelusi, kodwa ngithola ukuthi, akunandaba ukuthi ngikushumayela kangakanani, abanyakazi, noma kanjani. Kungahle kungabi ngumelusi, kungahle kube yibandla. Niyabo? Kunjalo. Uma ulifuna, kunebhalisamu kwaGileyadi.

²¹⁵ Bangaki abangathanda ukuza eNyangeni eNkulu kulobubusuku, ngabe zonke izono zakho zisukile kuwe, unenjabulo engakhulumekiyo, futhi ugwele inkazimulo enhliziyweni yakho? Ungasiphakamisa isandla sakho na? Uthi, “Ngikhulekele, Mfowethu Branham.” UNkulunkulu akubusise, nenekazi, ngapha. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubusise emuva lapho. UNkulunkulu akubusise phezulu phakathi lapho. Lokho kuhle kakhulu. O, impela. UNkulunkulu akubusise ngapha, mnumzane.

²¹⁶ Phezulu kuvulandi osesitezi, ungafuna eNkulu inya-...? UNkulunkulu akubusise, yebo mnumzane, ngiyasibona isandla sakho ngale ngakwesokudla sami. Ngabe...? Nalelinenekazi lapha, uNkulunkulu akubusise, ntombi. Isinqumo esikhulu ukuba usenze.

²¹⁷ “Alikho ibhalisamu kwaGileyadi na? Ayikho inyanga lapho na? Pho kungani abantu baMi besalokhu besindwa esonweni na? Kungani besalokhu behamba behamba befuna izinto zezwe na? Akukho yini ukweneliseka okwenele eVangelini laMi ukunakekela konke ukulangazelela abanakho na? Ingabe ikhona injabulo eyanele lapho bemukela Mina na? Angibaniki yini injabulo eyanele nothando, ukuthi bekungakhapha lonke uthando lwezwe kubo na? Ngathi, niyazi, ‘Uma nithanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaBaba alukho kini.’ Ingabe ikhona injabulo eyanele ekukhonzeni uNkulunkulu ukukususa ezintweni zezwe na? Pho kungani indodakazi yabantu baMi ingasindanga esifweni sabo sesono na?”

²¹⁸ Angabakhona omunye ngaphambi kokuba sikhuleke na? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhulekele, Mfowethu Branham.” UNkulunkulu akubusise emuva lapho, nenekazi. O, lokho kuyamangalisa! Izandla eziyisikhombisa noma eziyisishiyagalombili ziphakamile. Ngabe bakhona abanye futhi na? Uthi, “Ngikhulekele, Mfowethu Branham, ngingifuna ibhalisamu lakwaGileyadi.” Kukhona ibhalisamu kwaGileyadi.

²¹⁹ Ngabe ukhona omunye ongathanda ukuba abe...abe nobuthi bukaMoya oNgcwele bulethwe emphefumulweni wakho na? Ungasiphakamisa nje isandla sakho na? Uthi, “Nkulunkulu, nginokolote kulobubusuku ezintweni zezwe,

futhi unginokolote kukho konke ukungakholwa kwami, ukuthi ngingaba nokukholwa ukuba ngime ngigqame njengomKristu wangempela.” Phakamisa isandla sakho, ubungakwenza na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nsizwa, ohlezi lapha. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mngane wami. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Lapha, lokho kuhle.

²²⁰ “Nginokolote, Nkosi, ezintweni zezwe. Bengicabanga ukuthi bengingeke ngiziyeke, kodwa ngempela, angikaze ngibuthathe ubuthi baKho okwamanje, ngingathanda ukuba nabo, Baba. Ake nje uMoya oNgeweze uze futhi unokolote umphefumulo wami kuyo yonke iminako yezwe. Ngikhumbule emkhulekweni, Mfowethu Branham, ngiphakamisa isandla sami, ngoba ngiyakholwa.” UNkulunkulu abusise lona wesifazane osemncane, ohlezi khona lapha. UNkulunkulu abusise lokhu ngapha. Yebo, mfowethu osemncane, uNkulunkulu akubusise, lokho kuhle. Kulungile. Khona ngapha, yebo, iNkosi ibusise, yebo, khona phakathi ngale ekhloneni, nginababili. Ya, iNkosi iyasibona isandla sakho.

Asikhuleke ndawonye manje.

²²¹ Baba waseZulwini, kalula nangothando, siza eMthonjeni ogcwaliswe ngeGazi, elidonswe emithanjeni ka-Emanuweli, lapho izoni zibhukuda ngaphansi kwethantala, futhi zilahlekelwe yiwo onke amabala azo ecala. Baphakamise izandla zabo, Baba, ngenxa yokuthi—ukuthi bayakholwa. Futhi siyazi ukuthi bangumoya enhliziyweni yabo, kwase kuthi—ke uMoya oNgeweze wenyukela kubo, wayesethi, “Unephutha, unephutha. AwuNgemukeli ngani kulobubusuku na?”

Futhi bathi, “Yebo, Nkosi,” futhi baphakamisa isandla sabo.

²²² Manje, Wena wathi kuJohane 5:24, “Ozwa iZwi laMi,” futhi Nkosi, ngokwazi kwami okwedlula konke ngiLishumayelile, “Ozwa iZwi laMi, futhi,” isihlanganiso, “akholwe NgoNgithumileyo, uno,” inkathi yamanje, “kuPhila okuphakade, futhi akayikuya ekulahlweni, ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Baba, ngi—ngibeka lokho phambi kwaKho, lelo yiZwi laKho. Wena wathi, “Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze.” Wena wathi, “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi.”

²²³ Manje, siyafundiswa eBhayibhelini, “Abanengi abakholwayo wenezelwa eBandleni.” Manje, Baba, esenzweni sokukholwa, ngibeka lababantu, abaphakamise izandla zabo, eBandleni likaNkulunkulu ophilayo ngokuvuma kokukholwa, ukuthi bangabantwana baKho kusukela kulobubusuku kuqhubeka. Futhi manje, Baba, beze ehhovisi likaDokotela, bangaphakathi emnyango manje, futhi bafuna ukwenyukela

eNyangeni eNkulu ukuba babenoMoya oNgcwele unikezwe bona, uMnokoloto, iBhalisamu, elizobavimba ezintweni zezwe.

224 Wena wathi, “Emva kokuba usukholiwe wabekwa uphawu ngoMoya oNgcwele wesithembiso.” Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi bazothola lowoMoya oNgcwele wesithembiso selokhu bengabantwana baKho. Siphe khona.

225 Manje, sisakhothamise amakhanda ethu, ngizocela ngamunye abaphakamise isandla sabo ukuba nje basukume umzuzwana benzele izwi lomkhuleko. Wonke umuntu eniphakamise izandla zenu, a—angikholwa ukuthi nenze lokho ukuba nje nizijabulise ngakho, ngikholwa ukuthi nikuqondile ngempela phambi kukaNkulunkulu emhlanganweni onjengalona. Sukuma, kunjalo, yima ngezinyawo zakho. Ndawo zonke, phezulu kuvulandi osesitezi, noma ngabe ukuphi, yima ngezinyawo zakho. Kunjalo. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. Yima nje ngezinyawo zakho umzuzu nje. Phandle ehholo, uma nje uma ngezinyawo zakho, uthi, “Ngi—ngenza lokho kuvuma mina uqobo.” Baningi abamile manje.

226 Manje, abami—bami abathandekayo, abafowethu abasanda kuzalwa, nodadewethu, ngi—ngicabanga ngombono engawubona. Ngoluny’usuku ngale ezweni, ngifisa sengathi bengingavele nje ngiphumele lapho manje, futhi ngikugaxe ngezingalo zami, futhi ngikugone. Beku—bekungeke kube njalo kulempilo yomuntu, bengingekwenze lokho, kodwa nje ngaphesheya komncele, ngelinye ilanga ngiyokwenza. Nizojabula kakhulu, ngizojabula kakhulu lapho nginibona, futhi ningibona, futhi si—siyoba abafowethu nodadewethu bangempela-ke. Sinokuthinta nje okuncane kwakho manje.

227 Manje lalelani, ngizonitshela ukuthi uNkulunkulu wathini, uNkulunkulu wathi, “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi.” Manje, nize ngoba niyazi ukuthi anifanele ukuza, kodwa uza ngoba into ethize enhliziyweni yakho ikutshela ukuthi ubunephutha, futhi awusafuni ukuphinda ube nephutha. Lokho ngukuvuma kweqiniso. Manje, iBhayibheli lashi lokhu: “OyoNgivuma phambi kwabantu, Ngiyakumvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele.”

228 Manje, befundisi basesontweni, ngabe yilokho uJesu akusho na? Washo lokho. Manje, nenzeni na? Nisukumile lapha phambi okungenani kwabantu abangamakhulu ayisithupha, noma mhlawumbe ngaphezulu, kulesisakhiwo kulobubusuku, ukwenza ubufakazi, “Nginephutha, futhi ngiyamemukela uJesu Kristu njengoMsindisi wami. Ngi. . . Kukhona Into ethize eyakhuluma enhliziyweni yami, yase ithi, ‘Lobu ngubusuku bakho,’ ngakho ngiyasukuma ngenxa yokuthi ngenza ufakazi ukuthi nginephutha; ngifuna ukuma lapha ukuba ngibe ngufakazi kaKristu.”

229 Manje, uKristu uzokwenza ufakazi ngawe. Futhi Wathi, “Ngizofakaza ngani phambi kukaBaba, neziNgelosi ezingcwele.”

230 Manje, nisami ngendlela enimi ngayo, ngifuna nina, ngamunye, uma nikholwa ukuthi uJesu uyindodana kaNkulunkulu, naseKalvari ngenkathi lawomafu amnyama lalintanta phezu kwesiphambano, umbani wawubaneka, uJesu efa, omile, ekhala, uNkulunkulu wayethulula ulaka lwaKhe oluvuthayo phezu kukaJesu, futhi Wakuthatha ngendawo yakho (Uyakukholwa ngokukhululekile lokho ukuthi kuyiqiniso, ukuthi Wakuthatha endaweni yakho na?), futhi manje uzokwemukela ukuxolela kwaKhe, hhayi ukuthi uzizwa kanjani, kodwa okukholwayo, ukuthi—ukuthi Wakwenzela lokho, uma uzokwemukela, futhi uthi, “Nkosi, i . . . Angikwazi ukwenza lutho, ngi—ngiyisoni esibi kabi nje, kodwa ngiyakwemukela ukuxolela kwaKho ngami. Ngi—ngiyemukela ukuthi Wafa endaweni yami, ngiyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyoyami,” phakamisa isandla sakho, wena o . . . Ya, lokho kuhle. Nonke, nonke.

231 Manje, ngokwazi kwami emBhalweni, yilokho kuphela engifanele ngihambe ngakho, usindisiwe e . . . awusoze weza ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.

232 Manje, ngifuna nina maKristu enimi eduze kwalababantu abamile, ngifuna uphakamise ikhanda lakho futhi ubuke, ngifuna ubaxhawule futhi uthi, “UNKulunkulu akubusise, mfowethu, dadewethu. Siyakwamukela eMbusweni kaNkulunkulu.” Phendukani nje, nibaxhawule. Kunjalo. “Siyakwamukela, mfowethu ongumKristu, dadewethu.” Kunjalo. Ngibona abesifazane begonana, nezinto, kuyamangalisa nje. “Siyakwamukela eMbusweni kaNkulunkulu.”

233 Ngifuna nina manje ukuba nithole elinye ibandla elihle leFull Gospel, makuthi umuntu othize akubhaphathize ngombhaphathizo wamaKristu, bese-ke ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgewele. Manje, lokho kukunokolota kuyo impela into ekulahle ngecala kulobubusuku, wedlula nje ngaphezu kwakho. Niyabo, unokoloto ukuvimbela esifweni. Umnokoloto kaMoya oNgewele ukunika amandla okunqoba zonke izilingo zezwe. Ngabe kunjalo, befundisi basesontweni na? Ngelakho . . . yibhalisamu, yibhalisamu lomnokoloto o . . . Wena uthi, “Ngi—ngizamile Mfowethu Branham, kodwa—kodwa ngehlulekile.” Kodwa niyabo, akusikho okwenzayo, kuyilokho Akwenzele khona. Akusikho lokho oyikho, kuyilokho Ayikho. UyaMkholwa.

234 Manje, makuthi . . . woza kuYe nje, Methembe njengeNyanga yakho, futhi Mvumele akunokolote manje ezilingweni ze . . . Manje, uyolingwa, kusobala, kodwa esihle, isithombo esiqinile asidingi ukuba sifuthwe, siqinile futhi sinamandla, ukumelana

nezinto kwaso kulahla izimuncagazi ezimbi. Futhi yileyo ndlela umKristu olungileyo oqinile, angazinqoba zonke izilingo, ngoba ugumbuqela zonke izinto zezwe.

Owesifazane angathi, “Woza, s’thandwa, awuzukuba yimfashini endala manje, uzoya emdansweni.”

“Ngifumane iParele lenani elikhulu.”

“Manje, uyazi ukuthi uzobhema futhi.”

“Qhabo, mnumzane, ngifumane *Into ethize* enkulu kakhulu. O, Kukhulu kakhulu!”

²³⁵ UNkulunkulu anibusise manje. Ningahlala phansi. Futhi uNkulunkulu abe nani. Ngikhulekela ukuthi emva komugqa womkhuleko, ukuthi uzokwenza indlela yakho eya e-altare likaNkulunkulu, futhi uzogwalisa...ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele kulobubusuku. Ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uBaba wethu uzonipha lokho. Mm! Akamangalisi na?

²³⁶ Manje, lapho senza lokho, uMoya oNgcwele omkhulu ulapha...Ngenkathi ngisabhekisisa izethameli, bengingavele nje...Ngiyazi nje sizoba nomhlangano omkhulu womkhuleko wabagulayo. Ngaphambi kokuba sibize lokho, ake nje sibe ne...Bangaki abangenalo ikhadi lomkhuleko na? Angifuni-muntu onekhadi lomkhuleko, ngoba ngizonikhulekela lapha. Labo abangenawo amakhadi omkhuleko ogulayo, phakamisani izandla zenu. Kulungile. Manje, bamba isandla sakho nje, ukuze nje ngiqalaze, phakamisa izandla zakho kulesisifunda.

²³⁷ Nanti inenekazi, likhona lapha, ubeka isandla sakho phansi manje. Yebo. Awunalo ikhadi lomkhuleko na? Awu, ukuze lezozingane ezisanda kuzalwa zazi ukuthi loMoya obushumayela bekungesimi, bekunguYe. Niyabo? Ukubazisa...Manje, ngifuna ningibuke, futhi ningikholwe njengenceku yaKhe. Uyakwenza lokho na? UJesu wayengabuka phezu kwe—kwezethameli... futhi—futhi bakholwe ngayo yonke inhliziyo yabo ukuthi uNkulunkulu wayengaphulukisa abagulayo na? Niyakukholwa lokho na? Kulungile, ukuba-ke ngikutshale ukuthi inkathazo yakho isiphelile na? Inkathazo yakho yezinsu, inkathazo yenyongo, nezinto, sekudlulile vele kuwe, futhi ususindile. Manje, phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Kulungile, manje hamba nje, futhi ukholwe, futhi ube nokukholwa, uphiliswe.

“Uma ukholwa!” Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje na?

²³⁸ Kulungile, ngale kululuhlangothi. Kukhona owesifazane oyikhaladi ephakamise isandla sakhe. Ucabangani, Dadewethu na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, noma, inceku yaKhe na? Ngicabanga ukuthi nginomusa owenele esixukwini ukuba ngithi *umprofethi*. Kulungile. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Ungowesifazane

waseTopiya, ngingowesilisa wase-Anglo-Saxon, njengoJesu wahlangana nowesifazane emthonjeni, wakhuluma naye umzuzwana nje. Manje, uma uJesu ezongazisa inkathazo yakho, uzokholwa ukuthi nguMoya ofanayo owawuphezu kwaKhe, yiLowo ophezu kwami na? Uzokwenza na? Khona-ke umfutho wakho wegazi ophakeme uzosuka kuwe.

Uyakholwa na? Yiba nokukholwa, ungangabazi, kholwa nje ngayo yonke inhliziyi yakho. Yiba nokukholwa, futhi ungangabazi.

²³⁹ Manje ngiyafulathela, khulekani. Inenekazi liqhamuka phambi kwami, lihlezi ngapha. Liphethwe isifo sokusha kwesibindi. Sukuma. Igama lalo nguNkk. Hart. Sukuma. Ngabe unalo ikhadi lomkhuleko na? Qhabo, awunalo; awulidingi. Uthinte *Into ethize*, awukuthintanga na?

²⁴⁰ Uyakholwa ngenhliziyi yakho yonke na? Manje, bangaki owaziyo ukuthi uJesu Kristu wathi lowoMoya ofanayo uyoba lapha na? Bangaki owaziyo ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya ngenkathi uJesu esemhlabeni na? Bangaki owaziyo ukuthi Wakwethembisa eBandleni elikhethiwe ngezinsuku zokugcina na? Awu, nakhu.

²⁴¹ Manje, niyabo, abasha abaphendukile, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, akukaze kwenzekwe eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili, ngoba iziNkanyiso zakusihlwa ziyakhanya. IBhayibheli lathi kuyofika usuku olungayikuba yimini kungabi ubusuku, kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyoba ngukukhanya. A-hha. Nango. Manje, hlobo luni lokuKhanya obekungaba yikho na? Ilanga elifanayo elaphuma empumalanga lishona entshonalanga. Ngabe kunjalo na? UkuKhanya kwakusihlwa sekufikile. Uyakukholwa lokho na?

²⁴² Manje, bangaki onekhadi lomkhuleko na? Ake sibone izandla zenu. O, ku, ngiqagele, kusondele ekhulwini. Manje, iphi indodana yami na? Yimaphi amakhadi omkhuleko eniwakhiphile na? U C, kusukela kwelokuqala kuye, kuya emashumini amhlanu, kusukela kwelokuqala kuya emashumini amhlanu. Ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu na? Mabasukume kuqala khona lapha. Elokuqala, elesibili. Uthini na? Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, ngiyababona. Elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, isishiyagalolunye, ishumi, mabeze. Shayani umugqa khona *lapha*, umfana uzonishayisa umugqa, woza nje ngokwenombolo yakho. Ishumi.

²⁴³ Kuzoba nzima ukunyakanyakaza kulologcobo manje. Mm! Kuqalile vele, ulokhu uhamba phezu kwezethameli.

²⁴⁴ Ishumi nanye, ishumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nanhlanu, ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili, ishumi

nesishiyagalolunye, amashumi amabili, amashumi amabili-nanye, amashumi amabili-nambili, amashumi amabili-nantathu, amashumi amabili-nane, amashumi amabili-nanhlanu.

²⁴⁵ Wozani nje njengoba ngibiza, uma nithanda. Wozani ngqo nizungeze *ngapha*, futhi nibuyele ngqo emgqeni lapho. Amashumi amabili nanhlanu, amashumi amabili-nesithupha, amashumi amabili-nesikhombisa, amashumi amabili-nesishiyagalombili, amashumi amabili-nesishiyagalolunye, amashumi amathathu, amashumi amathathu-nanye, amashumi amathathu-nambili, amashumi amathathu-nantathu.

²⁴⁶ Kuthiwani ngani nonke nje nibamba umugqa khona lapha kusukela emashumini amathathu-nantathu khona lapha na? Futhi khona-ke bebengabamba kulowomugqa emuva lapho. Amashumi amathathu-nantathu, amashumi amathathu-nane, amashumi amathathu-nanhlanu, amashumi amathathu-nesithupha, amashumi amathathu-nesikhombisa, amashumi amathathu-nesishiyagalombili, amashumi amathathu-nesishiyagalolunye, amashumi amane. Khona lapha nje, lapho ukuphela kwalowomugqa kufika, bangawubamba ngqo. Amashumi amane-nanye, -nambili, -nantathu, -nane, -nanhlanu, -nesithupha, -nesikhombisa, -nesishiyagalombili, -nesishiyagalolunye, amashumi amahlanu. (*Kholwa Kuphela.*)

Kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kuphela . . .

²⁴⁷ Uma noma yimuphi weFull Gospel Businessmen elapha, ngingathanda ukuba nezimbalwa zalezozincwadi nalokho—lokho, Mfowethu Tommy Hicks, uma ulapha, ubhale ingxenye enhle yalokho, lokho kuhle kakhulu. Kunokuningi nje okuncane kukho, kodwa ukwenze nje kwamangalisa, ngiyakuthakasela. Ngingathanda ukuba nokunye kwabangane bami, ngizobathenga, mhlawumbe abathathu, noma abane, amakhulu amahlanu abo.

²⁴⁸ Manje, esikhundleni sokuthi . . . Manje, asicule, “Manje ngiyakholwa.” Uyakholwa manje na? Niyazi, uJesu ekupheleni ngqo kwe . . . khona ngqo ekupheleni kwenkonzo yaKhe, Abafundi baKhe abaMqondanga, akekho owaMqonda. Wazi kanjani . . . ? Kanjani lokho . . . Bangaki abaziyo ukuthi abakwazanga ukuMqonda na? Impela. Kungani na? Babecabanga ukuthi Wayenobuntu obumbaxambili. Qhabo, ngesinye isikhathi kwakunguJesu ekhuluma, ngesinye isikhathi kwakunguBaba kuYe ekhuluma. Niyabo? Niyabo? Kwakuyilokho-ke. INdoda. Ngakho uJesu washo njengokuthi . . .

Bathi, “*Manje* siyakholwa. *Manje* siyakholwa ukuthi Wazi zonke izinto futhi akukho-muntu odinga ukuKufundisa. Thina . . .”

UJesu wathi, “Niyakholwa manje na?” Niyabo?

Asilicule, “Manje ng’yakholwa, Nkosi. Wenze okwanele, Usinike uMoya oNgcwele, Usipha ukukhuluma ngezilimi.”

²⁴⁹ Manje, mangaki amaPentecostal alapha na? Ake sibone izandla zenu. Kulungile. Manje, alisho yini iBhayibheli, uPawulu wathi, uPawulu omkhulu wathi, “Uma kukhona... Uma nonke nikhuluma ngezilimi, nongafundile angene, futhi—futhi nonke nikhulume ngezilimi, bayothi niyahlanya. Kodwa uma omunye eba ngumprofethi, futhi eyokwembula imfihlo yenhliziyo, khona-ke bayowa phansi, bathi, ‘Impela uNkulunkulu unani.’” Ngabe kunjalo na? IPhentekoste impela nje iza. Niyabo? Niyabo? Ningaphumeleli enkambisweni yezwe, hlalani niyiPhentekoste.

²⁵⁰ Nonke nina maMethodisti phakathi lapha, bangaki phakathi lapha ababengamaMethodisti ngaphambilini na? Ake sibone izandla zenu. Niyabo? Bangaki ababengamaBaptisti na? Bamba isandla sakho. Bangaki ababengamaPresbyterian na? Bamba isandla sakho. Bangaki ababeyiKatolika na? Bamba isandla sakho. Niyabo? Ngike ngakutshela, mngani, ngivela emndenini oyiKatolika, nami. NgingumIrishi. Kunjalo.

²⁵¹ IKatolika, ingxoxiswano nomunye umpriisti ngolunye usuku, hhayi, noma, hhayi ngolunye usuku, esikhashaneni impela esedlule, bathi, “Uma lokhu kungokukaNkulunkulu, zonke iziphiwo zeqiniso zibuyela ebandleni elingumama.”

²⁵² Ngathi, “Kade ngibuyele eBandleni elingumama selokhu ngamukela uMoya oNgcwele.” Ngathi, “Usho umama wezinhlango, hhayi umama weBandla. Sizalelwa kuLo, asijoyiniswanga kuLo, sizalelwe kuLo.” Kunjalo. Kulungile.

Manje ngiyakholwa, (Wenze okwanele, Nkosi, ngiyakholwa manje.) manje ngiyakholwa,
Konke kungenzeka, (Niyakukholwa na?) manje
ngiyakholwa;

Manje ngiyakholwa, manje ngiyakholwa,
Konke kuyenzeka, manje ngiyakholwa.

²⁵³ Manje asikuguqule, sithi, “Manje ngiyemukela.” Beka isandla esisodwa enhliziyweni yakho, esinye phezulu kuNkulunkulu.

Manje... (Kukhona ibhalisamu kwaGileyadi,
niyalemukela na?) manje ngiyemukela,
Konke kuyenzeka, manje ngiyemukela;
Manje ngiyemukela, manje ngiyemukela,
Konke kuyenzeka, manje ngiyemukela.

²⁵⁴ Manje, ngabe Uzenze kahle zonke izinto na? Ngabe Wenze zonke izinto Athembisa ukuzenza na? Kunjalo. Manje, asikhothamise amakhanda ethu ndawonye, nakho konke, Wathi, “Ngalendlela, nifanele nikhuleke,” nonke kanyekanye:

Baba wethu OseZulwini, Malingcweliswe iGama laKho.

UMbuso waKho mawufike. Mayenziwe intando yaKho emhlabeni, njengaseZulwini. Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla.

Usithethelele iziphambeko zethu, njengalokhu nathi sibathethelela abasonayo.

Ungasingeni ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi: Ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kube-phakade. Amen.

Wena uthi, “Ukwenzeleni lokho, Mfowethu Branham na?”

²⁵⁵ Emkhulekweni... Wathi, “Ngalendlela,” yonke into yenziwe. Utheni phakathi lapho na? “Sikhulule kokubi, konke ukungakholwa, konke ukugula, zonke izifo, zonke izinhlupheko, zonke izinkolelo-ze, yonke into. Sikhulule kokubi.”

²⁵⁶ Manje, niyazi bengingeke ngehle ngalowomugqa ngokubona okufihlakele, bengi—bengingadlula ngiphume ngokuphelele ngaphambi kokuba ngifike uhhafu ngehla kukho. Manje, kusasa ebusuku sizoba nomugqa wokubona okufihlakele ezansi kwenye indawo; kulobubusuku, sizokhulekela lababantu.

²⁵⁷ Bangaki kini kulowomugqa lapho manje abanesizotha, niyabona ukuthi kanjani...? Ngifuna ukubuza, ukhuluma ngesimangaliso, ubengaba kanjani umuntu, isidalwa esingumuntu njengami, sazi lezozinto na? Angikwazanga ukukwenza. Bangaki kini abakholwayo ukuthi leyo yiyonanto impela iNkosi yethu uJesu eyayenzayo na? Uyakholwa na? Awu khona-ke, lologcobo enginitshela ngalo, futhi ngashumayela kini iqiniso, manje uJesu usehlile futhi wafakazisa ukuthi lokho kuqinisele. Ngabe kunjalo na? Khona-ke, Wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Ngabe kunjalo na? Manje, lokho kungenza ngibe yikholwa. Ngabe kunjalo na? Manje, Akusho kwakungukuba yikholwa na? “Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.” Ngabe kunjalo na?

Manje ngifuna ukunikhombisa okuthize:

²⁵⁸ Belusi, bavangeli, zithunywa zenkolo, bangaki kini nonke eningamakholwa na? Niyabo? Manje, ngizocela abaningi benu nonke eningakwazi, nehlele lapha kanye nami. Niyabo?

²⁵⁹ Ngi—ngi... Hhayi, umvangeli makabe nakho konke akwenzayo, abantu, angifuni nibe nokukholwa kwenu kwakhelwe kumvangeli, ngifuna nibe nokukholwa kwenu kwakhiwe kumelusi wenu uqobo. Uyindoda ezonihola nisuke lapha niphume, niyabo. Nalamadoda... .

Yehlani, abanye benu bafowethu. Yehlelani lapha, ake sibumbe umugqa okabili. Ya, umugqa okabili.

²⁶⁰ Lamadoda angamadoda kaNkulunkulu akholwayo. Ngizoma maphakathi nawo ngqo, futhi sizokhuleka. Bangaki phandle lapho ozobakhulekela, futhi, phandle lapho na? Phakamisa isandla sakho. Khumbulani, kukhona umama womunye umuntu, kukhona ubaba womunye umuntu, kukhona isithandwa somunye umuntu, ingane yomunye umuntu. Ngabe kunjalo na? Awu, ukuba-ke bekunguwe na? Ukuba-ke bekungumama wakho na? Ukuba-ke bekungumntwana wakho na? Ukuba-ke bekungudadewenu, umkakho, umyeni wakho na? Ubungafuna umuntu othile abeqotho, ubungeke na?

Manje, sizokhuleka, futhi onke lamadoda kaNkulunkulu . . .

²⁶¹ Wozani khona lapha, bazalwane, uma ningakwazi. Yehlani nje ngqo *ngapha*, bese nibumba umugqa okabili. Niyazi uk'thini? Ngizonitshela, kungenza ngiziqhenye enhliziyweni yami futhi ngibe nokubonga ukuthola izinceku zikaNkulunkulu ezizoma phambi kwabantu futhi zithi, “Ngingufakazi waleliVangeli, nami.”

²⁶² Aniqhoshi ngabelusi benu na? Nithi, “Mayibongwe iNkosi,” uma niziqhenya ngalababelusi. Siyaziqhenya ngabazalwane bethu. Amen. Siyaziqhenya ngabo. Bangabelusi benu. *Umelusi* kusho u “melusi wezimvu.” Laba, ngamunye walamadoda unokuningi nje kogcobo ukubeka izandla phezu kwabagulayo njengoba ngenza.

²⁶³ Manje, angisuye umshumayeli, bangabashumayeli, banesikhundla esiphakeme kunenginaso, esami yisikhundla sobuprofethi, ukuprofetha. Manje, abanjalo, babengakhelwe lokho, babengakumiselwe lokho. Kodwa lithini iBhayibheli na? “UNkulunkulu umisile ebandleni, abaphostoli,” lokho yizithunywa zenkolo, “abaprofethi, abelusi, abafundisi, abavangeli.” Ngabe kunjalo na? Lezo yiziphiwo, ezigcotshwe nguNkulunkulu futhi zagcotshwa.

²⁶⁴ Manje, anginamfundo, yingalesosizathu ngithi angisuye umshumayeli. Lamadoda abengathatha leliZwi, futhi abengeke adingeke asebenzise esinye saleziziphiwo, bebengavele nje babeke leloZwi phandle lapho ukuze babophe uSathane efindweni elingangokuthi wayengeke aphume kulo. Niyabo? Kodwa ngeke ngakwenza lokho, lokho akusilo ubizo lwami. Babizelwe lokho. Manje, kodwa ba—bangamadoda kaNkulunkulu, wonke umuntu obizwe nguNkulunkulu uthunywe ukuba abeke izandla phezu kwabagulayo, futhi bayosinda. Bangaki okukholwayo lokho na? Khona-ke uzohluleka kanjani ukuba usinde, wedlula ekhoneni elinjengaleli na?

²⁶⁵ Nake naqaphela ukuthi uSolomoni walakha kanjani ithempeli lakhe na? Lalelisisani, ngenkathi ningena emnyango, kwenzekani na? Kwakukhona iziNgelosi ezaziqoshwe ngokhuni lomnqumo namaphiko azo etshekela ngaphesheya, ukuthi


wonke okhonzayo oza esihlalweni esingcwele, ehle ngqo anqamule ezihlokweni zamaphiko aleziNgelosi, phansi ngqo kuye esihlalweni somusa, phansi ngqo kuye e-altare. Niyakwazi ukuhleleka kwethempeli likaSolomoni.

²⁶⁶ Awu, yini *ingelosi* na? I “sithunywa.” Thola isichazamazwi bese uthola ukuthi *ingelosi* ichaza ukuthini. Ezinye zazo yizithunywa zaseZulwini, ezinye zazo yizithunywa zasemhlabeni, ukuthi uNkulunkulu uhlala phakathi ukuletha uMlayezo waKhe wasemhlabeni. Futhi lezi yizithunywa, izingelosi zeNkosi, izithunywa kuwe, futhi zimi lapho ziphakamise izandla zazo, ukulalela okwashiwo nguNkulunkulu, “Beka izandla phezu kwabagulayo, futhi bayosinda.” Kufanele kwenzeke, akunjalo na? Niyakukholwa lokho, nonke nidlula na?

²⁶⁷ Manje, kwi-ogani lapho, *Kholwa Kuphela*. Makuthi wonke umuntu ophakathi lapha ukhothamise ikhanda lakho, futhi lapho lababantu bedabula emgqeni, sizobeka izandla phezu kwabo ngokuphulukiswa kwabo. Wonke umuntu ekhuleka. Wonke umfundisi, bathinte lapho bedlula.

²⁶⁸ Baba wethu waseZulwini, siletha kuWe lomugqa omkhulu wabantu, bayagula, Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzobaphulukisa bonke njengoba bedlula phansi kogcobo lwalezizinceku zaKho. Kwangathi bangadlula kulomugqa futhi wonke umuntu aphulukiswe ngokuphelele. EGameni likaJesu.

[UMfowethu Branham ukhulekela abantu imizuzu emihlanu, amaningi amazwi akhe awazwakali—Umhl.] . . . ? . . .

²⁶⁹ Manje besamile, bekani izandla phezu komunye nomunye, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye manje. Manje, lesi yisikhathi sakho sokuba u . . . Uyangikholwa na? 

61-0218 IBhalisamu KwaGileyadi
EFirst Assembly Of God Of Long Beach
ELong Beach, ECalifornia E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org